# IZISEKELO ZENHLANGANYELO

Yibani nilokhu nimile nje umzuzwana futhi asikhuleke sisamile.

2 Ukhona onesicelo esikhethekile na? Vele uphakamise isandla sakho bese uthi, "Nkosi, khumbula isicelo sami kulobubusuku." Ngibhekisisa lomfana ohlezi lapha esihlalweni esinamasondo nesandla sakhe siphakeme, ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa kulobubusuku. Futhi asibe semkhulekweni nje manje njengoba sikhothamisa amakhanda ethu, ngamunye ngendlela engeyakho.

3 Baba wethu waseZulwini, siza kuWe eGameni eliligugu leNkosi uJesu, ukuKubonga ngakho konke Osenzele khona. Lolu ngolunye usuku esisindiswa ngalo, Nkosi, ngolunye usuku ngapha kwePhakade okwamanje. SiyaKubonga ngakho. Futhi uma senze noma yini ebingathokozisi kuWe, sicela intethelelo.

4 Futhi siyakhuleka manje ukuthi Uzothatha inkonzo ezandleni zaKho futhi uqhubeke nathi, Baba, njengoba sifunda iZwi futhi siqala ukukhuluma ngeZwi. O Nkulunkulu, kwangathi uMoya oNgcwele ungafika. Kwangathi singaba nenhlanganyelo ngaseZwini, Nkosi, inhlanganyelo enkulu nje ekhazimulayo. Siphe khona.

5 Sibusise kanyekanye futhi uphendule isicelo ngasinye; Wena uyazazi izinhliziyo zabo nokuthi badingani. Isandla sami siphakeme naso, Nkosi, futhi ngikhulekela ukuthi Uzosikhumbula isicelo sami. Khumbula labo abagulayo nabahluphekile nabadingayo, nabantu beshaya ucingo futhi bekhala futhi benxusa, nabathandekayo babo befa. O, yizwe eligulayo, Nkosi. Woza, Nkosi Jesu, sisuse kulo, Nkosi, siye kuleloZwe elikhazimulayo lapho okungekho-kugula nosizi.

6 Khuluma kithi kulobubusuku nangathi; soka izindebe ezikhulumayo nezindlebe ezizwayo. Futhi busisa iZwi laKho, futhi kwangathi Lingaba yiMbewu ezinhliziyweni zethu ukwakha ukukholwa. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

INkosi inibusise njengoba nihlaliswa manje.

7 Impela si, lokhu sikuthatha njengenhlanhla, ukuba sibe lapha futhi kulobubusuku. Futhi manje, kusasa, iNkosi ithanda, sizoba, kusasa ntambama, ligamenxe elesibili, e-Old Pisgah Home noMfowethu Smith, ligamenxe elesibili, kusasa ntambama. Manje, bebezofanele banitshele izindlela. Ngi—ngiqagele noma ubani uyazi ukuthi i-Old Pisgah Home ikuphi, ngiqagele. IBandla iPisgah, noma, iPisgah Home, yilelo na? Yebo, kubizwa ngekhaya nebandla. Ngangi . . .

8 UMfowethu Smith ungumngane wami oligugu kakhulu. Sibe yizithunywa zenkolo ndawonye eziQhingini, futhi ungumnumzane ohloniphekile ongumKristu okahle kakhulu. Futhi nina enihlala eduze kwalapho, angazi ukuthi kukude kangakanani, kodwa kundawondawo lapha eCalifornia. Bengingeke ngazi ukuthi yini. Ngingathanda nje kalula… angiyazi indlela yami ngapha. Futhi ngenza amaphutha amaningi kakhulu ngalapha noma kanjani.

9 Benginento ethize namhlanje; ngibe nenhlanganyelo ethize noMfowethu Arganbright. Yena, bathe, ubekhuluma nje. Bengikade ngiphumile; inenekazi elithile elincane ngaphandle komnyango lapho lalikhala, ukuba liyobona uyise, ebulawa ngumdlavuza. Futhi anazi ukuthi bangaki abalabo okhona; ndawo zonke nje. Futhi ngakho bengiphezulu ukuba ngibe nenhlanganyelo noMfowethu Arganbright kulokhu ukusa.

10 Futhi ngacishe ngenza elinye lamaphutha amabi kabi kakhulu. Mm! Bengimi eClifton's Cafeteria lapho engizokhuluma khona ngoMgqibelo ozayo ekuseni okweChristian Business Men. Futhi bengimi lapho ngibuka abantu bengena, futhi ngi—ngibone inenekazi elithile lingena, futhi bengizoya ngale futhi ngilibuze uma belifuna ngilikhulekele. Nga—ngacabanga ukuthi bekukhona okuthile okungalungile, futhi, ngamehlo alo. Futhi ngilubonile uchoko, nesifo samehlo iglayikhoma, isifo samehlo i-ophthilema, ngangi…kodwa angikaze ngibone noma yimaphi amehlo anjalo. Futhi ngithola ukuthi, beku—bekungesikho lokho, ngoba nakhu kungena amanye futhi. Kwakuluhlobo oluthile lwezinto ayenazo emehlweni alo. Beku…Ngangi nje… kwakuyinto enhle into ethize yangimisa kungenjalo belizo… Futhi lalinohlobo oluthize lwezinto ezibukeka ziphakathi kokuba luhlaza satshani noma okuphuzi phansi ngapha, bese kuthi-ke okunye okuluhlaza sasibhakabhaka okumnyama emva kwalokho futhi ku…Awu, ngacabanga ukuthi into empofu ibisizofa nje; bengingazi ukuthi lali, liyangena lapho futhi ngacabanga—ngacabanga, "Lokho ku—lokho kungokokuqala ukuba ngize ngibone noma yini enjengaleyo."

Ngabe leyo yimfashini ethize entsha noma into ethize abayenzayo na?

11 Ngase ngiqalaza, ngase ngikubona lokho, ngase ngiqala ukuya ngale ngase ngithi…O, he, leyontombazane bandla, ngingathanda nje ukuyibuza ukuthi yini engalungile emehlweni ayo. Futhi ngacabanga ukuthi mhlawumbe yayizo… Ngiyoyitshela ukuthi ngikhulekela abagulayo, mhlawumbe ukuthi—ukuthi uma…Ngingathanda ukuthola ukuthi kwakuyini. Ngike ngaba se-Afrika emenweni, futhi a—a—a—a—angikaze ngibone noma yini enjalo empilweni yami yonke. Futhi angicabanganga ngakho kuyizimonyo. Niyazi lapho—niyazi lapho izimonyo zivela khona, zivela emenweni.

Kunjalo. Kungukhondolo lwabahedeni. Aku—kusikho okwempucuko. Nga—ngabahedeni; ya, bayazipenda, futhi benze, bathathe udaka, futhi ngi . . . Lelo yiqiniso impela; impela kunjalo. Kwaqala lapho; yilapho okungokwakhona. Akusikho okwempucuko nezindlela ezinde ukusuka ebuKristwini. Ngakho manje-ke, ba . . . Angikaze ngibone noma yini enjengaleyo e—e-Afrika, e-United States, eSwitzerland, eFransi, eJalimane, lapho kade ngikhona, cishe kasikhombisa ngizungeza, ngakho angikaze ngibone noma yini enjalo. Futhi kwenzeka ngakuthola eCalifornia. Kwakuyinto enhle ukuthi angizange ngenyuke; mhlawumbe ibiyongishaya ngempama, ibingeke na? uma ngiyitshelile ukuthi bengingayikhulekela yini ngamehlo ayo, niyazi, futhi . . .

12 Nganginomngane ongumfundisi ngesinye isikhathi wayevela eHolland lapha, futhi wenza iphutha into efana naleyo, nentombazane ayikaze imshaye ngempama kodwa kuyisimanga ayizange. WayengowaseHolland omncane, futhi wayesendlini yami. Futhi wehlela ezansi nedolobha, futhi wayethe ukuba yindoda ephakathi nendima yempilo. Kwakukhona intombazane eyaphuma nalezo ezincane, ezincane nje . . . ingagqoke zingubo nhlobo. Wampongoloza, "O, dadewethu, dadewethu."

Futhi yaqalaza, yathi, "Yini indaba ngawe na?"

13 Wathi, "Ukhohlwe isiketi sakho." Futhi ngakho—futhi ngakho . . . Futhi yavele yaphendula ikhanda layo yase ihamba yehla ngomgwaqo ngokuthi nje . . . Kuyamangalisa ukuthi ayizange imshaye ngempama, kodwa umfo bandla, wacabanga nje, "O, he."

Angikholwa ukuthi sivela ezinkawini, kodwa mina, impela kubukeka sengathi sibuyela emuva ngaleyondlela.

14 UMfowethu Arganbright ubekhuluma nami ngokuba nemihlangano kamuva evikini mayelana nokukhulekela abagulayo. Ngi—ngiyathanda ukukhulekela abagulayo; leyo yinkonzo yami. Angisuye umshumayeli. Anginayo imfundo eyenele ukuba ngizibize ngomshumayeli. Angikaze ngiphume kunoma yiziphi izikole kumbe noma yini, ngakho ngi—ngiyathanda nje ukuxoxa ngeZwi lokho engikwaziyo, futhi yilokho kuphela engingakusho. Ngesipiliyoni nje nalokho engikufundayo.

15 Kodwa wathi abantu babefuna ukubumba umugqa womkhuleko; kukhulekelwe abagulayo. Manje, isizathu bengingakwenzi, ngenkathi ngifika bangitshela kulomhlangano lapha, kwakusho ukukuhlanganisa konke ndawonye. Kade nginezinkonzo zokuphulukisa. Akukho-muntu . . . Asikho isidingo sami sokuzama ukukuchaza, angikwazi, lokho imibono okwenzela khona. Kodwa noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyazi ukuthi kukwenzelani. Noma ubani . . .

16 Uma iNkosi yethu yathintwa ngowesifazane oyedwa, Yona iyiNdodana kaNkulunkulu ezelwe yintombi, futhi umbono owodwa ovela kulowo wesifazane uYithinta, yathi, "Ngiyabona ukuthi ngiphelelwe amandla," ucabanga ukuthi bekungenzani kimi, isoni, esisindiswe ngomusa na? Umbono owodwa ovela kumprofethi uDaniyeli, wayesangene ekhanda lakhe, ekhathazekile, wayengazi ukuthi wayekuphi, ehambahamba izinsuku eziningana.

17 Akekho oqondayo ukuthi lokho kwenzani kuwe. Futhi ku—ku . . . U—uhlangana . . . Uhlala kulokho isikhashanyana futhi u—uhlangana nomunye, awu . . . wena ngempela, "Ngabe ngumbono, noma ngabe mina, ngikuphi na?" Niyabo? Niyabo, nguNkulunkulu ekubamba futhi . . .

18 Manje, ake ngisho izwi kulokho. Ngabe . . . Impela, abantu bakamoya bebengaqonda, ofunda iBhayibheli. Ake sithathe nje kanje: izimbongi nabaprofethi. Asikhulume nje, lokho okukhuthazayo. Ngizoqala ngezimbongi kuqala: Izimbongi, imbongi yangempela, kungokuphefumulelwa.

19 Ake sithathe nje imbongi eyodwa engicabanga ngayo; ake sithathe uStephen Foster. Ngicabanga ukuthi wayengomunye wezimbongi ezinkulu kunazo zonke esasinazo eMelika, usinika amaculo ethu omdabu nezinto. Senake nayifunda impilo yakhe na? Manje, ikhaya elidala laseKentucky lingaphesheya nje komfula ukusuka kimi. Ngingawelela lapho emizuzwini eyishumi nanhlanu ukusuka endlini yami. Nanto ideski, labekwa inani embukisweni womhlaba e . . . cishe amadola ayizinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu eminingi, iminyaka eminingi edlule, lapho abhala khona i *My Old Kentucky Home*, izindawo lapho ayezulazula khona lapho emasimini, kanjalonjalo.

20 Awu, ngaso sonke isikhathi uStephen Foster wayevuka ngokuphefumulelwa okwenele ukuba—ukuba athathe ipeni lakhe futhi abhale iculo, khona-ke emva kokuba ukuphefumulelwa sekumshiyile, wayedakwa. Benikwazi lokho na? Impela wakwenza. Futhi ekugcineni, ngenkathi ephuma ngaphansi kwakho ngesinye isikhathi, wayengazi ukuthi wayekuphi, futhi wabiza inceku futhi wathatha insingo futhi wanquma umphimbo wakhe, wazibulala. Senake nakwazi lokho na? impilo kaStephen Foster.

21 Asithathe . . . Wena uthi, "Awu, leyondoda yayingumuntu wezwe." Awu, ake sithathe uWilliam Cowper. Ngama ngasethuneni lakhe eLandani, eNgilandi esikhathini esingeside esedlule, ngafanele nje ngikhale izinyembezi. Wayethathwa njengogulisw a yimizwa. Noma ubani ophila eMoyeni, ezweni kunethunzi elilodwa nje elincane ekuhlanyeni. Isayense iyakusho lokho.

22 UWilliam Cowper, ngenkathi ebhala leloculo elidumile, sasilisebenzisa esidlweni kwelethu. . .iTabernakele lami leBaptisti ekhaya iminyaka neminyaka. "Kukhona umthombo ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli, lapho izoni zibhukuda khona ngaphansi kwethantala, kusuka lonke ibala lazo lecala." Nikuzwile, anikuzwanga na? Senake nawuzwa umlando wakho na? Kwathi nje ukuphefumulelwa kungasuka kuye, ngenkathi esephakathi lapho wabhala iculo, futhi ngenkathi wayephezulu enothini eliphakeme kakhulu lapho abantu bengazi lutho ngakho. . .Ukucula nje nokumemeza nokusina, lokho akukho e. . .lokho kuseMoyeni kulungile, kodwa uMoya wenjabulo. Niyabo? Kodwa lapho uphakama ungene kulezozimbulunga ongazi lutho ngazo. Niyabo, ungeke wakuchaza, uvele nje. . .ufanele wazi nje ukuthi kulapho futhi yilokho kuphela. Ngenkathi ephuma kulokho, wazama ukuthola umfula ukuba azibulale. Bangaki abake bezwa indaba na? Impela. Niyabo? Impela. Wazama ukuthola umfula ukuba azibulale. Kwakunenkungu kakhulu; umshayeli akawutholanga umfula. Wayezobhukuda ngaphansi komfula, wayecabanga ukuthi wayeseseculweni, manje wayezobhukuda ngaphansi komfula, asuse onke amabala akhe ezono. Niyabo?

23 Manje, wena uthi, "Ukhuluma ngababhali bamaculo." Kulungile, asikuphenye emuva ngqo eBhayibhelini manje. Asithathe abaprofethi. Asithathe u—umprofethi uJona. Ngenkathi esendleleni yakhe ebheke ezansi eNineve, futhi—futhi wahamba ngendlela yaseTharishishi, futhi iNkosi yamthatha yamyisa eNineve, futhi yamgcina ephila esiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku. Uyakholwa ukuthi indaba iyiqiniso na? Wayenaye—Wayemgcobile, futhi ngenkathi ephuma kulokho, ngakho emkhulekweni izinsuku ezintathu nobusuku esiswini salomkhomo, ngenkathi ephumela osebeni lwaseNineve, washumayela ngamandla amakhulu baze bafaka ngisho indwangu yamasaka ezinkomeni zabo, futhi baphenduka ngaleyondlela. Ngabe kunjalo na? Phendulela ukuphenduka emzini. . .

24 Futhi wenyukela egqumeni ngenkathi ukuphefumulelwa kumshiya, futhi wahlala phansi ngaphansi kwesihlahla, futhi wakhulekela uNkulunkulu ukuba athathe impilo yakhe (Ingabe kunjalo na?) ngenkathi ukuphefumulelwa kumshiya. Niyabo? Akusikho ngenkathi use*lapha*, uzizwa sengathi uyisiqhwaga, kodwa awazi ukuthi yini abafanele bayibekezelele masinya nje lapho usuka *lapha*. Niyabo?

25 Bukani. . .asithathe u-Eliya umprofethi. UNkulunkulu umnika ukuphefumulelwa; umnika umbono, wamtshela ukuba akhuphukele entabeni nokuthi akenzeni. Wabeka leyonto ngokuhlelekile ngendlela nje uNkulunkulu amtshela ngayo. Lalingazange line iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha. Futhi wabiza uMlilo ovela emaZulwini, futhi

masinyane wabiza imvula iphuma emazulwini, futhi wathatha futhi wabulala abapristi abangamakhulu amane qobo lwakhe, wabulala abapristi abangamakhulu amane.

26 Kwase kuthi-ke ngenkathi ukuphefumulelwa kumshiya, wagijimela ekusongelweni ngowesifazane, futhi waphumela ehlane, wayesehlala phansi ngaphansi kwesihlahla somjunipha, wayesethi, "Nkulunkulu, thatha ukuphila kwami." Futhi U...UNkulunkulu wamondla ngamaqebelengwane athile eziko lapho, futhi—wase-ke emondla futhi. Futhi khona-ke wayezulazula ehlane izinsuku ezingamashumi amane, noNkulunkulu wamthola wamdonsela emgedeni ndawondawo. Kunjalo na?

27 Futhi umoya ovunguza onamandla wedlula, noNkulunkulu wayengekho emoyeni. Ukuduma kwedlula, futhi Wayengekho ekudumeni. Emva kwesikhashana iPhimbo elincane elihashazayo lakhuluma naye, lalifuna ukwazi ukuthi kungani wayesemuva kulowomgede. Niyabo, esangene, ezulazula kulelohlane, manje, futhi wafunyanwa edonselwe emuva emgedeni. Manje, unomqondo othize, yini iNdodana kaNkulunkulu na?

28 Yingalesosizathu, bangane, kucishe nje...Aniqondi... Ngama lapha ngobunye ubusuku, ngizama nje ukuma isikhathi eside ngangokunokwenzeka ngenxa yenu bantu, ngoba ngeVangeli ngangikusika kanzima nje futhi ngikusakaze emahlelweni nakho konke. Hhayi emahlelweni enu, kodwa indlela abadedeleka ngayo kakhulu. Niyabo? Ba...Futhi ngalokho, ngacabanga, "Nkulunkulu, ngiyabathanda, futhi ngi—ngibazwise ubuhlungu; mangime isikhathi eside ngangokunokwenzeka." Futhi ngenkathi ngiqala ukusuka kulomsamo, ngazithola ngisezingalweni zomfundisi. Ngenkathi ngingena ngaleya, ngagijimela komunye wesifazane, phandle ekamelweni phandle lapho lapho okwakukhona abanye abantu abaningi bemile. Niyabo? Nga—ngangingazi ukuthi ngangikuphi. Khona-ke uBilly wangibamba ngengalo wayesengihola ngaphuma, futhi into elandelayo engangiyazi babengenyusa ngezitebhisi ezansi endaweni engihlala kuyo. Niyabo, niyabo? Kwase kuthi-ke ubusuku bonke angizange ngilale nhlobo; anginitshelanga ngakho. Niyabo?

29 Ngosuku olulandelayo ngi...kubukeka sengathi yonke into engangiyibuka...Incekukazi iyangena ukuzolungisa amakamelo, futhi ngama lapho, kwathi nje ingangena, ngazi khona lapho ukuthi yini eyayingalungile kuyo. Ngaphumela esitaladini, ngehla ngesitaladi, futhi nakhu kuza indoda yehla ngesitaladi, khona lapho, mina nje, into yokuqala niyazi, ngazithintitha ngimi lapho, ngibona ngento ethize eyayiyenzile, ngangizama ukuyitshela khona lapho emgwaqeni. Niyabo?

30 Awuqondi nje ukuthi wedlula kukuphi. Niyabo? Ni—

ni—niyazi ingaphandle nje; anazi ukuthi yini ingaphakathi. Kufana nokuba phezulu le, amamayela ayisigidi ukuphakama, lapho ozwa khona sengathi yonke into isekufinyeleleni kwakho kanjalo, khona-ke khona manjalo uvele nje uqathake ndawondawo, futhi awu. . . ulapho-ke. Niyabo? Futhi yingalesosizathu sifanele sikubhekisise ngokusondele ngempela.

31 Futhi ngesinye isikhathi ngangisemhlanganweni isikhathi eside kakhulu, futhi abazalwane bangivumela ngihlale isikhathi eside kakhulu emsamo, kwaze kwaba cishe unyaka ngaphambi kokuba ngibuyele ensimini futhi.

32 Futhi ngakho, yilokho okukwenza kube nzima. Ngize ngiwele umngcele ngakolunye uhlangothi futhi ngihlangane nani bantu ubuso nobuso, wena. . . asikho isidingo sokuzama ukukuchaza. Vele nje ungikholwe njengomfowenu. Ngi—ngizama ukusebenza konke engingakwenza ngothando kini. Bengingethande yini, kulobubusuku, ukuthatha wonke umuntu ogulayo, futhi ngithi, "Ngingakuphulukisa"? O, ngi. . . uma bengingathatha ikota bese ngiyibeka emgwaqeni bese ngiyiphushela ngaphesheya kweHollywood, ukuya eHollywood ukusuka lapha, ukukuthola uphulukiswe, bengizokwenza, impela bengizokwenza.

33 Kodwa uma bengingathola iBhayibheli, ngakhe ngokuzungeza ukukholwa okwenele nje e—ezintweni ezithi azibe mbili ukuthi ubungabona futhi uqonde. Niyabo, siboshiwe kakhulu ngumhlaba, sonke (nami nginjalo. Niyabo?), futhi siboshelwe emhlabeni size singaqondi ukuthi nguJesu Kristu emi lapho. Niyabo?

34 Manje, uma kufika lologcobo, ungabamba wonke umuntu ophakathi lapha khona impela nje lapho ukwesaba, lapho izingxaki, lapho, nakho, njengokushaya kwenhliziyo kuza kuwe. Niyabo? Ngenkathi. . . Akusimi; sekuba ngokugcotshiwe nje; yilokho kuphela. Niyabo? Futhi—futhi nje kuyi—yisiphiwo engifanele nje ngizinikele kuMoya.

35 Ngokuvamile angidli, noma yini, ngilokhu ngizinikela nje kuMoya. Futhi ngenkathi bengiletha lapha ngesikhathi sasebusuku, akekho okhuluma nami. Niyabo, ngingena ngqo, ngiphuma ngqo ngendlela efanayo. Ngihlala ekamelweni futhi ngikhuleke ngize ngikwazi ukuKuzwa noma ngazi futhi ngibone lokho kuKhanya kuhamba ekamelweni lapho engikhona. Khona-ke ngilokhu ngithi nje, "Ngiyabonga, Nkosi; ngiya lapho ngenhloso eyodwa, ukusiza abantu baKho. Manje, Wena ngisize, Nkosi, noma ngabe kuyini, nikeza abantu ukukholwa." Futhi leyo yi—leyo yindlela engikwenza ngayo. Kunjalo.

36 Futhi ngakho-ke lapho sekufika ekukhulekeleni abagulayo nje, ngokubabeka izandla, ngenza lokho ngaso sonke isikhathi kusobala. Kunjalo. Futhi manje, leyo yindlela eyodwa, leyo yi—

leyo yindlela yesiko elidala lamaJuda ukwenza lokho. Futhi kuhle; kuyamkhokhela u-Oral Roberts no—noTommy Osborn.

37 UTommy Osborn, angicabangi, ubeka izandla phezu kwabantu; uvele nje abachazele iZwi, futhi nje libamba udeveli. Uyisifundiswa esikhulu, aze nje angabeka udeveli endaweni yakhe ngeZwi, bese-ke ebavumela bakhulekelane, enze ukunikezwa okukodwa komkhuleko, futhi ahlale emuva phezulu lapho futhi abadedele benyuke futhi bafakaze ubusuku bonke, washo. Akumkhathazi nakancane; aka. . .E-hhe. Futhi ngahlangana naye lapha esikhathini esingeside esedlule. UTommy ungomunye wabafo abakahle kunabo bonke. UTommy Osborn ngempela uyindoda ehloniphekile engumKristu, uMfowethu Tommy Osborn: umfo onomoya omuhle kakhulu. Futhi wavele nje—wavele wabambelela eZwini kuMfowethu Bosworth omdala.

38 Uza endlini yami; wayephezulu lapha. Okwaqala inkonzo yakhe, wayephezulu lapho ngenkathi lolohlanya lugijimela ukuzongibulala (Nikufundile kaningi.) emsamo. Kwase kuthike, futhi lwama phandle lapho amahlombe alo ebhensile, futhi lwangiphimisela ebusweni, nakho konke okunye. Futhi lwathi, “Wena mkhohlisi,” phambi kwabantu abangamakhulu angamashumi ayisithupha nento, lwathi, “phezulu lapha uziphoqa wena uqobo njengenceku kaNkulunkulu,” lwathi, “Ngizokwephula onke amathambo kulowomzimba wakho omncane,” olukhulukazi, amaphawondi angamakhulu amabili namashumi ayisithupha.

Awu, kungcono wazi ukuthi ukhuluma ngani. Kungcono ungakhulumi nhlobo; vumela nje uNkulunkulu akhulume. Ngangazi ukuthi Wayezongihola lapho.

39 Futhi amaphoyisa amancane amabili ngangiwaholele kuKristu emuva egumbini lokugqokela ehholo elikhulu, agijimela ukuyolubamba. Ngathi, “Lena akusiyo indaba yenyama negazi; luyekeni nje.” Ngakho lwagijima lwenyukela lapho.

40 Manje, ngizokutshela, uma uke wacasuka ngisho nechashaza, kungcono usuke uhambe emsamo. Yinye kuphela into eyonqoba noma yimuphi udeveli noma yini enye; lolo wuthando. Yileyondlela kuphela engingake ngisize ngayo noma ubani, kungenkathi ngibathanda. Futhi ngiyaluzwa uthando lwabo kimi.

41 Manje, indoda lapho, ngacabanga, “Lowomfo bandla, ubengeke angibulale; lowo ngudeveli omenza enze lokho. Angahle abe yindoda eshadile, abe nabantwana. Yini anayo ngami na? Akakaze angibone empilweni yakhe.” Ngithola ukuthi, wayephuma esikhungweni sezinhlanya futhi wayeshaye umfundisi phandle emgwaqeni futhi wamephuka

umhlathi wakhe nenqwababa. Wayenokuhlanya nje ukubulala abashumayeli.

42 Futhi waqala ukuhamba lapho, futhi cishe abashumayeli abangamakhulu athi awabe mabili bahlakazeka basuka emsamo ngokukhulu ukushesha ngenkathi bembona. Futhi ngakho yena, lapho, wama, futhi wama phezulu lapho; wathi, "Kulobubusuku ngizokushaya ngikulahle phansi nya phakathi kwalezozethameli futhi ngiphule onke amathambo emzimbeni wakho." Manje, wayenamandla kakhulu ngokomzimba ukukwenza. Wayesinda cishe amakhulu amabili namashumi ayisithupha, futhi ngangisinda cishe ikhulu neshumi nesishiyagalombili.

43 Ngakho lapho, wama lapho ngase ngiqalaza; ngacabanga, "Awu, umfo bandla, manje bukani, nango udeveli enalolohlobo olukhulu oluhle lomuntu oboshwe ngakho konke kanjalo. Akudabukisi lokho na?"

44 Futhi ngaphenduka. A—a—angishongo neyodwa into, ngazithulela nje. Futhi ngazizwa ngimtshela, niyabo, lowo kwakunguMoya, niyabo, uMoya wamtshela. Benifanele nikubone emenweni e-Afrika nakanjalo, ukuthi kusebenza kanjani. Niyakubona lapha phakathi kwamaMelikana, kodwa kuboneni phandle lapho lapho ofika khona phambi kwezinyanga-bathakathi. Futhi—futhi Wathi, "Ngoba uphosele inselelo uMoya kaNkulunkulu, kulobubusuku uzowela ezinyaweni zami."

45 Wathi, "Ngizokukhombisa ukuthi ngizowela phezu kwezinyawo zikabani, wena mkhohlisi, wena nyoka otshanini, wena mzenzisi!" Wahamba wenyuka wayesethi "*Hhuu*! *Phuu*!" amathe ebusweni bami.

46 Angizange ngisho nelilodwa izwi; ngama nje futhi ngambuka. Wasukuma wasondela eduze kwami; wafinqa ingalo yakhe enkulu *kanjalo*, namazinyo akhe ahlangana ndawonye, namehlo akhe ecwebezela nje; wabuya ukuba angishaye, ngase ngithi, "Sathane, phuma endodeni."

47 Yathi "Wuu, wuu, wuu." Yaqala ukuphenduka yaphenduka *kanjalo*, yase iwa phansi, yaqhasela izinyawo zami kwiphansi, *kanjalo*. Lapho, yomibili imimoya yayiphoselene inselelo. Niyabo? Yayiphosele inselelo, noMoya kaNkulunkulu wakwemukela. Niyabo? Futhi lapho, yawela ezinyaweni zami.

Nalawomaphoyisa amancane aphuma agijima ayesethi, "Ngabe ifile na?"

Ngathi, "Qhabo, mnumzane, ayifile."

"Awu, ngabe iphulukisiwe na?"

48 Ngathi, "Qhabo mnumzane, ikhonza lowomoya; a—ayiphulukisiwe." Ngathi, "Kodwa ngifisa sengathi ubungayigingqa isuke ezinyaweni zami," ngoba ithi nje ukungiqhasela phansi lapho.

49 Ngakho, uTommy Osborn ukubonile lokho, noma, umkakhe wakubona, futhi wayehlisa ngosuku olulandelayo. Futhi wazibethela yena uqobo ekamelweni izinsuku ezintathu. Ngenkathi ngiya ekhaya ngisuka kulolohambo, nango wayephandle ngaphambili, uTommy omncane, okwakhe... nezithandani zakhe ezincane...ingane yakhe encane bese-ke kuba ngumfana omncane—omncane. Wayezungeze kabili noma kathathu emotweni, enokwethuka kakhulu niyazi, wathi, "Mfowethu Branham, Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi nginesiphiwo sokuphulukisa na?"

50 Ngathi, "Buka, Tommy, emva kwalemvuselelo iqala kanje, kuzoba nabaphulukisi ngokukaNkulunkulu abaningi kakhulu ezweni." Ngathi, "Kuzoba lusizi; kuzoba njalo abantu bangeke ngisho, bangeke babe nomhlangano ngaphandle uma benokuphulukisa ngokukaNkulunkulu." Niyabo, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuncane, ubungeke neze ube ugxile ngokuncane. Niyabo? Insindiso yinto esemqoka, emphefumulweni. Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kuyinto encane nje. Kodwa ngathi, "Kuyofezeka, ngoba lapho isimanga senziwe njalo kukhona isixuku esixubile njengoba sasinjalo ezinsukwini zikaMose, njenganjalo."

51 ULuther, ngangiphinda ngithatha umlando kaLuther lapha esikhathini esingeside esedlule, futhi ngathi, "Isimanga esivelayo sikaMartin Luther sasingesikho ukuthi wayengabhikishela ibandla eliKatolika futhi azedlulele ngakho, kodwa abambe ikhanda lakhe ngaphezu kwabo bonke ubuhlanya obalandela imvuselelo yakhe." Ngakho kunjalo. Ngakho ngathi, "Kuzolandela okufanayo lapha. Uyabo?"

Ngakho ngathi, "Ubizelwe inkonzo; uyakwazi lokho, Tommy."

Wathi, "Yebo, ngiyakwazi." Wayebukeka njengensizwa ethembisayo yeNkosi.

52 Futhi ngathi, "Awu, ukuba bengisendaweni yakho, uma ububizelwe inkonzo, ububizelwe ukukhulekela abagulayo. Nje unga...Khohlwa ngeziphiwo zokuphulukisa ngokukaNkulunkulu nento; khulekela abagulayo nje." Ngathi, "Ngingenyukela ngaphansi kwalesosihlahla som-oki esidala lapho, futhi ngifunde okuthile ngeZwi lokuphulukisa ngokukaNkulunkulu."

Wathi, "Yisiphi isihlahla som-oki esidala na?"

53 Ngathi, "Lowo onekhanda elinempandla ohlezi egosini lami elingaphambili, uDkt. F. F. Bosworth." Ngathi, "Akukho-muntu ezweni owazi okunye okuningi ngeZwi likaNkulunkulu ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu kunoma enza."

54 Bengiya e-Afrika lapha nje eminye...lapha eminyakeni embalwa edlule, futhi ngangiseMadison Square...Qhabo, iyiphi leyondawo ovakashela kuyo lapho, kuseNew York na? I-St.

Nicholas Arena. Futhi wayeyondiza yonke indlela abuyele emuva, futhi wandiza yonke indlela phezulu lapho, futhi ngobunye ubusuku ngaphumela emsamo, wangibona, waqala ukukhala *kanjalo*. Futhi ngagijima emva kwesikrini ngase ngimgona. Futhi ngathi, "Tommy, uvela eziQhingini nje na?"

Wathi, "Yebo, Mfowethu Branham."

Ngathi, "Ngiqagele ukhathele kakhulu, s'thandwa, kungani uze undizele phezulu lapha na?"

Wathi, "Angikhathele nakancane." Wathi, "Ngiseholidini labasanda kushada."

Ngathi, "Iholide labasanda kushada na?"

55 Wathi, "Ya, mina nomkami, sinesikhathi esimnandi nje." Wathi, "Uyabo, Mfowethu Branham, ngiyajabula ukuthi iNkosi ayinginikanga noma yikuphi ukubona okufihlakeleyo kumbe noma yini." Wathi, "Uyazi ngenkathi ungitshela ukuthi ngihlale phansi kwalesosihlahla som-oki esidala na?"

Ngathi, "Yebo."

Wathi, "Lowo onempandla na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

56 Wathi, "Ngifunde okuthile lapho," wathi, "Ngiyahamba nje futhi ngithathe iZwi, ngithathe cishe imizuzu engamashumi amathathu, futhi ngibophe uSathane efindweni elinjalo angeke akwazi ukuphuma kulo, bese-ke nginikela umkhuleko nje, bese ngithi, 'Nina nonke eniphulukisiwe yenyukani.'" Wathi, "Akusukume owokuqala futhi anike omunye isibindi, nomunye." Wathi, "Mina nomkami sihlezi nje emuva lapho futhi sishaya ihlombe futhi sibe nesikhathi esimnandi, simemeze kuze kube ngeleshumi nanye nqo, bese-ke sibadedela bonke bakuthathe bese siya ekhaya, sihambe ekukhanyeni kwenyanga futhi sibe nesikhathi esimnandi," washo.

Ngathi, "Yebo, nalesosihlahla som-oki esidala sihlezi khona lapha kulobubusuku silindele ukuya nami e-Afrika."

57 Busisa inhliziyo yakhe; useNkazimulweni kulobubusuku, ejabulela izinjabulo zokuPhila okuPhakade ngakwelinye icala. Yilokho-ke. O, Nkulunkulu, ngi—ngizojabula kakhulu lapho sonke sesiwela ngapesheya, ungeke na? futhi konke sekuphelile ngakho na?

Manje, uma ungesiyo inzalo ka-Abrahama kulobubusuku, woza, ube yinzalo ka-Abrahama ngoJesu Kristu.

58 Manje, ngifuna ukufunda nje ivesi lomBhalo. Ngiyakholwa, ngabe. . .? Omunye ungifundela iBhayibheli ubusuku ngabunye. Noma, Mfowethu Roy. Ngifuna ukufunda okunye. . .okunye nje futhi, ngoba uma amazwi ami ehluleka, awaKhe angeke. Futhi ngifuna ukufunda lokhu koNgcwele, noma, uJohane wokuQala nesahluko 1 nevesi 7.

> . . .*uma sihamba ekukhanyeni, njengalokhu yena esekukhanyeni, sinenhlanganyelo omunye nomunye, negazi likaJesu Kristu iNdodana* kaNkulunkulu lisihlanza *ezonweni zonke.*

59 Ngingathanda ukuthatha indikimba, uma bekungabizwa ngendikimba, okwesikhashanyana nje manje ngalendaba lapha, *IZisekelo ZeNhlanganyelo.*

> . . .*uma sihamba ekukhanyeni, njengalokhu yena esekukhanyeni, sinenhlanganyelo omunye nomunye, negazi likaJesu Kristu iNdodana* kaNkulunkulu lisihlanza *ezonweni zonke.*

60 Manje, ngithanda ukukhuluma ngemibandela yenhlanganyelo. Manje, kungani silapha ndawonye na? Silapha, mhlampe, nezinhlangano ezehlukene; amahlelo ehlukene amelwe lapha, mhlawumbe iMethodisti, iBaptisti, amaPentecostal, i-Oneness, Twoness, Threeness, Fourness, konke kuhamba ndawonye, sihlezi lapha. Manje, ngoluny'usuku uNkulunkulu uzosiqhuba sonke ndawonye. Uzofanele (Niyabo?), ukwenza . . .

61 Khona ngapha eHouston, eTexas, esikhathini esingeside esedlule, ngenkathi iNgelosi yeNkosi ithathe isithombe saYo, ngenkathi uDkt. Best, ngalobobusuku, webandla leBaptisti, wayebambe inkulumo-mpikiswano lapho. Futhi ngenkathi bekufaka ephepheni ukuthi inkulumo-mpikiswano izobanjwa phakathi kukaMfowethu Bosworth naye, emhlanganweni wami, laphaya ukuthi iNkosi yayingithumile, ngani, nakho kufika . . . Abanakanga noma ngabe . . . Uma kukhona into eyodwa efanayo, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwaku—ku—kusengozini, futhi ngakho bonke bayafika futhi bahlanganyele ndawonye ngaleyonkathi. Futhi ngakho-ke, kuyoba ngaleyondlela ngesinye isikhathi. UbuKhomanisi ekugcineni buzozisiphula bona uqobo ngalapha, futhi siyojabula ukuhlanganyela omunye nomunye, singeke na? Abazalwane abahle bokukholwa okuyigugu okufanayo: noma ngabe bagibele ikameli elinesifumbu esisodwa noma ikameli elinezifumbu ezimbili noma ngabe yini ekhona, sizojabula ukugibela nabo noma kanjani, sihambe, sijabulela inhlanganyelo yabo. Ngethemba ukuthi ngiyaphila ukuba ngikubone.

62 Manje, inhlanganyelo yilapho singahlangana khona ndawonye. Manje, ungeke wenza njengamagwababa namajuba; awakwazi ukuba nenhlanganyelo elinye nelinye. Ukudla kwawo kwehlukile, nemikhuba yawo—yawo yehlukile. Ufanele ube nenhlanganyelo inqobo nje uma usesivumelwaneni. Manje, yini eyenza umuntu alangazelele ukuba nenhlanganyelo na? Yini esenza sihlangane ndawonye futhi sifune ukuhlanganyela omunye nomunye na? Yingenxa yokuthi kuzofanele kube nohlobo oluthile lwesimo esivela kulokho.

63 Manje, ngesinye isikhathini ngangisemnyuziyemu omkhulu lapho kwakukhona ingcweti yomGreki eyayidwebe isithombe sika-Adamu no-Eva. Angikaze ngiyibone into ebukeka yesabeka kangaka empilweni yami njengaleyo u-Eva ayebukeka ngayo, no-Adamu. Awu manje, uma u-Eva wayebukeka kanjalo, izinwele ziphume *kanje*, nomhlathi ubheke eceleni, nengalo eyodwa *ngapha*, nenye *ngale*yondlela, nesinye isitho sithi asibe sikhulu *kangako* nesinye *kanjalo*. O, kwakubukeka kabi, into ebukeka inonya. Awu, uma leyo kwakuyindlela u-Eva ayebukeka ngayo ngenkathi u-Adamu evuka futhi wambona, lokho bekungaba yisifiso sendoda kumkayo namhlanje ukubukeka kanjalo. Kwakuyisimo esinzima. Kunjalo. Manje, sazi kangcono kunalokho. Manje, uNkulunkulu akenzi lutho ngaphandle uma kuphelele; kulungile, futhi kuhle, kuyigugu, kuphelele.

64 Manje, ngiyakholwa, njengomuntu nje namhlanje... Kungani umuntu—kungani umuntu lapho ethola ukuthi uyisoni, akaphumi ngani futhi athi, “Baba, ngi—ngiyisoni; ngifuna Ungithethelele.” Qhabo, qhabo. Akakwenzi. Wenza into efanayo naleyo u-Adamu ayenzile; azifihle ezihlahleni ndawondawo. Niyabo? Ufuna ukuqhela. Kungani na? Yilokho akwenzile ekuqaleni.

65 Futhi yilokho engikucabangayo, ukuthi u-Eva wayengowesifazane omuhle kunabo bonke owake waba sebusweni bomhlaba. Ngiyalangazelela ukubona yena no-Adamu beza behla eparadisi likaNkulunkulu ndawonye, ukubona nje ukuthi umama wethu womhlaba wayebukeka kanjani. Wayengumuntu omuhle, akungabazeki. Futhi u-Adamu wayevela kulo lonke uhlobo lomuntu, ubulisa ngandlela zonke; u-Eva, ubufazane ngandlela zonke.

66 Kodwa manje, sithola ukuthi okwenza umuntu alangazelele ukuhlanganyela yingenxa yokuthi wake waba nenhlanganyelo. Futhi inhlanganyelo yakhe yayinoNkulunkulu. Indoda namhlanje izama ngamandla ayo onke, akunandaba ukuthi iyini, uma iyiNdiya; ngenkathi sifika lapha sathola iNdiya likhonza ilanga, likhonza isigxobo esiqoshwe umfanekiso wesilwane esiwuphawu lwesizwe. Singena e-Afrika sibathola bephansi kwezithixo ezincane nezinto. Kukhona ndawondawo azama ukuthola indlela yakhe ebuyela emuva, ngoba imvelaphi yakhe kwakungukuhlanganyela noNkulunkulu. Kuvela laphoke. Uyazi ukuthi uvela ndawondawo emva kwekhethini, futhi uzama kuphela ukubuka emuva lapho ukubona ukuthi uvelaphi nalapho esendleleni yakhe ebuyela emuva. Yingalesosizathu okungaphezu kwemvelo kuheha ukunaka kwabantu ngamandla kakhulu yingoba abantu babuka lapho bevela khona nokuthi baya ngaphi.

67 Yinye kuphela iNcwadi ezweni engakutshela lokho, lelo yiBhayibheli: ukuthi ungubani, uvelaphi, nokuthi uyaphi.

Kunjalo impela; Ikutshela isiphetho sakho khona lapha eBhayibhelini nokuthi uvelaphi nokuthi ungubani.

68 Manje, kwathi nje umuntu angathola ukuthi wayeyisoni, ubezama njalo ukwenza eyakhe indlela yokubuyela emuva. Uzamile ukuthola eyakhe indlela yokubuyela emuva, futhi ulahlekile ngokuphelele. Manje, yingalesosizathu ngicabanga ukuthi uKristu wabhekisela kithi njengezimvu, izimvu zedlelo laKhe.

69 Uma noma ubani eke welusa izimvu, lapho imvu ilahlekile ilahleka ngokuphelele. Ngizelusile izikhathi eziningi, futhi ngithole lezozimvu zimi phandle lapho, lapho ilahlekile kuzo zonke ezinye, iyovele ime futhi ikhale impisi ize iyithole, noma kwenzeke okuthize. Ayikwazi ukuthola indlela yayo yokubuyela emuva. Ilahlekile ngokuphelele; izofanele ibe nomelusi wayo wezimvu.

70 Futhi yileyondlela isintu esiyiyo. Asisakwazi ukuzisindisa njengoba ingwe ibingakhotha amabala ayo asuke kuyo; iyawagqamisa nje lapho ikhotha. Ngakho, kodwa kukhombisa isimo sakhe esinzima. Wazama ukuthola indlela yakhe yokubuya. Usalokhu ethatha lesosimo sokuziphatha esifanayo sokuzama ukuthola indlela yakhe yokubuyela emuva.

71 Sithola into yokuqala azama ukuyenza, kwakungukuzama ukuzimboza ngamacembe omkhiwane ukuba azenzele . . . Manje, inkolo iyisembozo; siyazi ukuthi yilokho okuyikho, yisembozo. Into yokuqala azama ukuyenza kwakungukuzimboza, azenzele izibhinco ngamaqabunga omkhiwane. Wathola ukuthi zazingeke zisebenze. EBukhoneni bukaNkulunkulu, uNkulunkulu wayilahla imisebenzi yesandla sakhe. Ubengeke nje asebenze.

72 Wazama ukwakha umbhoshongo ukuze asuke endleleni yazo zonke izikhukhula nezimbubhiso, futhi athole indlela yakhe ebuyela emuva kulombhoshongo, eBabele, abuyele kuNkulunkulu. UNkulunkulu wakulahla, futhi wasanganisa ulwimi lwabo, nombhoshongo wawa. Futhi ngaso sonke isikhathi ukuthi umuntu uzama ukwenza indlela okungeyakhe, u—uyehluleka.

73 Emva kokuba eselahlekelwe yinhlanganyelo yakhe noNkulunkulu waba wuzulane, wadingeka azigudluze yena uqobo. UNkulunkulu umnakekelile ngaphambi kwaleyonkathi, kodwa manje uthola ukuthi uzofanele azigudluze yena uqobo, futhi kuyinto el'khuni impela. Ngakho akanaye uBaba onothando ukuba ambheke, futhi amvikele, futhi amhole, futhi amqondise, futhi amondle, futhi amembathise, futhi amnakekele njengoba enza. Ngakho esikhundleni sokubuya, uzama ukuthola indlela engeyakhe. Ufuna ukwenza eyakhe indlela ebuyela emuva. Umuntu ufuna ukuzenzela indlela yakhe; abelokhu enayo. Uyohlala njalo, ngiyethemba, azame

ukuthola indlela yakhe uqobo, futhi njalo lapho enza indlela yakhe uqobo, uhlala njalo eba nephutha.

74 Manje, siyathola kulonyaka, ake sithathe enye yendlela azama ngayo ukubuyela emuva okwamanje. Uyazama kulonyaka ukuzibuyisa ngobuhlakani bakhe. Uzama ukuzifundisa abuye. Sibe nohlelo lapha esikhathini esingeside esedlule, "Uma Besingafundisa iZwe." Lapha cishe eminyakeni engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu eyedlula izwe lazithathela ukuba lizifundise lona uqobo libuyele enhlanganyelweni, kwenza zonke izizwe, lapho siphucuza izwe, saletha iLiberty Monarch, futhi saletha umhedeni nakho konke. Saqala ukuphuma emabandleni ethu senza izinhlelo zokufundisa ukufunda, ukubhala, nezibalo. Senzeni na? Simenze waba ngumntwana ophindwe kabili wesihogo kunoma wayenjalo kwasekuqaleni.

75 Ngisanda kuvela e-Afrika, maduze nje. Futhi e-Afrika into embi kakhulu abake bayenza kwakungukufundisa umhedeni. Umhedeni ol'khuni kunabo bonke ofanele ubhekane naye ngumhedeni ofundile. Manje, umhedeni ungongakholwayo. Futhi uthola u—umhedeni ongafundile, ngezinye izikhathi ungakhuluma naye. Kodwa uyamfundisa; wazi kakhulu ngakho kunawe, noma uNkulunkulu azi, kumbe noma ubani omunye.

76 Ngakho, futhi senzani na? Manje, uku, futhi . . . ukuze abangane bami abangamakhaladi lapha bezoqonda, lapho uthatha iNigro lase-Afrika, lapho liphandle eqhugwaneni lalo elincane phandle lapho, likahle. Yinye kuphela into e wa- . . . dingayo nguKristu. Lingenise edolobheni, futhi lapho . . .

77 Futhi ngiyanitshela, ekuphileni kwabo uqobo laphaya, bebengafundisa lelizwe lamaKristu ngapha izimilo abangeke bazi lutho ngazo. Ngani, kunesizwe lapho, uma intombazane i, ilinda kuze kube semva kweminyaka ethize, ize igane, futhi uma ingenamuntu noma ingashadi namuntu ngalesosikhathi, awu, izofanele isuse upende wesizwe, futhi ihambe iyongena edolobheni, futhi nje ibe ngukuxokozela njengabo osedolobheni, ingene ezinkompolo. Ayisakufanele ukuhlala phakathi ko— komphakathi walesosizwe.

78 Manje, futhi uma iganile, ngaphambi kokuba igane ifanele ihlolwe, ubuntombi bayo. Uma itholakala inecala, ifanele isho indoda ekwenzile, futhi bobabili babulawa kanyekanye. Ukuba-ke bebengenza lokho eHollywood, noma eLos Angeles, noma ngale e-United States kulobubusuku na? Bekuyoba nenqwaba yokubulawa okwenziwe. Ayikho impilo yasebusuku e-Afrika kanjalo. Qhabo, baphila phezulu, bahlanzeke kakhulu, ngokwesimilo kunathi, njengoba sizibiza ngamaKristu. Yebo, mnumzane. Uma leyontombazane itholakala inecala, uma owesifazane eke watholakala enecala lokugijima, noma ehlazisa umyeni wakhe, ubulawa khona lapho nendoda ahlala nayo. Yebo, mnumzane, akukho similo esibi phakathi kwabo.

79 Angikaze kukho konke ekuboneni okufihlakele kwezindaba angikaze ngithole nolulodwa udaba lwe—lwesifo soncansi phakathi kwabo. Kunjalo, hhayi kunoma yiziphi zabo. Ngathola iTB, nezinye izinto, ngisho nochoko, kodwa akukho ukuziphatha okubi, noma yisiphi isifo socansi.

80 Manje, niyabo lapho, ba—bangabazulazulayo. Nemfundo yethu, senzani ngabo na? Sibehlisela ezansi lapho enkomponi, futhi ukhahlela uphisi wethini lapho labo bezama uku. . . uzofanele asuse lowopende wesizwe, futhi uthola ukuthi izimbuzi, izingulube, nakho konke okunye kugijima kuphume lapho, nabantwana abane noma abahlanu, amadoda amane noma amahlanu, abesifazane abane noma abahlanu. Yilokho impucuko ekwenzayo kubo.

81 Ngenkathi lelizwe lapha lalivame ukuba lihle, iNdiya lalihlala lapha lodwa; lalinesono esincane kakhulu, impi encane yobuzwe. Kodwa ngenkathi umlungu efika, walethani na? abesifazane, ugologo, ukubulala, ukubulala ngamabomu. Bukani ukuthi kukuphi manje. Niyabo? Impucuko iletha isono, njalo. Lapho umuntu eqala ukwanda phezu kobuso bomhlaba, udlame lwangena futhi uNkulunkulu wabhubhisa umhlaba.

82 Isono safika ngempucuko, ngakho izihlakaniphi zakho azisoze zakubuyisela enhlanganyelweni noNkulunkulu. Leso yisitatimende esinzima, kodwa ake ngisho lokhu ngakho konke ukubekezela futhi ngingazami ukwesekela ukungazi kwami, kodwa ngicabanga ukuthi isitha esibi kunazo zonke uJesu Kristu ake aba naso kwakuyimfundo. Ufundisa izwe, uthola isigejane sabahedeni abafundile futhi ungeke wenza lutho ngabo.

83 Esikhathini esingeside esedlule nganginendoda yeFBI eyayiphendukile emhlanganweni wami. Yangingenisa ekamelweni futhi yangikhombisa ukuthi kanjani ukuthi i. . .lapho ubugebengu buqala khona. Futhi ngenza lolohlobo lwesitatimende ngesinye isikhathi emhlanganweni, futhi yangikhombisa ebalazweni, njengokuthi uthatha into encane futhi uyidonse ebalazweni ezindaweni ezithile, futhi kwakhombisa lapho abantu abafunde kunabo bonke ayekhona, yilapho ubugebengu obukhulu kakhulu babukhona. Kunjalo. Bacabanga ukuthi bangawedlula ngobuhlakani umthetho nezinto ezinjalo.

84 Ufundile. . .Imfundo ibiyisikweletu e—ensindisweni yomphefumulo womuntu. Manje, imfundo inhle ngokuhamba kwayo, kodwa ayisoze yathatha indawo yensindiso. Ngakho indoda ezama ukuzifundisa yona uqobo ibuyele kuKristu ilwa nomoya. Ayisoze yakwenza. Ingekwenze.

85 Manje, ngenkathi lokho kwehluleka, manje bazama ukuletha abantu enhlanganyelweni. Emva kwalokho bacabanga ukuthi babeyo. . .ukuhlela izwe. IMethodisti iyoba nehlelo labo, iBaptisti iyoba nelabo, namaKatolika ayoba nelabo,

namaPentecostal ayoba nelabo; nalelo kwakungelinye iphutha elibulalayo. Awusoze wakwenza; awusoze wakwenza; nilwa nomoya omningi nje njengoba babenjalo ohlelweni lwezemfundo. Awusoze wakwazi ukukwenza. Akusilo icebo likaNkulunkulu ekuqaleni. Wena uthi, "Awu, sinohlelo olukhulu. Sine. . ."

86 Lokho kungaba njalo, kodwa ibandla lihlelelwe ukufa. Kunjalo. Asizidingi izinhlelo; sidinga imihlangano yomkhuleko. Kunjalo. Asi—asidingi imfundo. Sidinga insindiso, yilokho esikudingayo. Insindiso ayilele emfundweni. Insindiso ayilele emahlelweni.

87 Imfundo idlala indima yayo. Ihlelo lidlala indima yalo. Kodwa leso akusiso i—leso akusiso isizathu esiqavile se. . .leyo akusiyo indlela esiyoke sibuyele ngayo enhlanganyelweni futhi.

88 Manje, ohlezi lapha, futhi nansi indoda eyiBaptisti, futhi nansi eyodwa ngapha yiPentecostal. Bahlezi onqenqemeni lomunye nomunye. Khona-ke iPentecostal Oneness, nePentecostal Threeness, nePentecostal *bangaki*, niyazi, konke *kanje*. Futhi i—futhi iChurch of God, iFoursquare, onke (Niyabo?), emaphethelweni ngqo elinye nelinye.

89 Uma ama-Assemblies ezongingenisa edolobheni, khona-ke onke amanye awahlanganise lutho nakho. Uma amanye engingenisa, akukho namunye wabo ohlanganise utho nakho. Niyabo? Yileyondlela okubonakala kuyiyo.

90 Awusoze wakwazi ukuhlela abantu ukuba bahlanganyele. Ungeke wakwenza, ngeke nje kukwenze. Nje, ngeke nje kusebenze; akusilo uhlelo lukaNkulunkulu.

91 Manje, niyayibona into enkulu abayenzayo manje na? UNkulunkulu akazange abhubhise noma yini, kodwa umuntu uzibhubhisa yena uqobo ngokuhlakanipha kwakhe uqobo. Kwakukhona imithi emibili ensimini yase-Edene. Omunye wayo kwakunguMuthi wokuPhila; omunye kwakungumuthi wokwazi. Okokuqala ukuba umuntu adle emthini wokwazi, wehlukanisa inhlanganyelo yakhe noNkulunkulu.

92 Njalo lapho eluma, uyazibhubhisa. Uluma impushana eyisibhamu, ubulala umngane wakhe. Into elandelayo ayilumayo kwakuyizimoto, ibulala ngaphezu kwamandla esibhamu. Usezitholele ibhomu le-atomu manje, uzokwenzani ngalokho na? Niyabo, uyazibhubhisa ngaso sonke isikhathi ngolwazi lwakhe, usefezile. Akabuyeli ngani kulesisihlahla sokukholwa esilula lapha futhi akholwe na? Niyabo? Yilokho kuphela afanele akwenze.

93 Manje, bhekisisani manje ukuthi kwenzekeni. Manje, sithola ukuthi indoda manje ithathe, yathola uhlelo; bakuthola eRashiya; bayakuthatha e-United States, kuze kuthi ngesayense bazothola indlela yabo yokubuyela emuva. Manje, isayense yayisa ibhodlela eRashiya esikhathini esingeside esedlule, baze

bakwazi ukubuyisela imisipha endodeni eyayinokwayo. . . kade. . . inokukhubazeka kwezingane; ibingenza imisipha ikhule. Bathatha ibhodlela elincane futhi balikhuxuza, "Sinokuphulukisa kulelibhodlela. Sinokuphulukisa kulokhu. Sine. . . nansi insindiso kulelibhodlela."

94 Niyabo, isayense, bangakwazi, bezama ukuya enyangeni futhi lowo ngomunye umbhoshongo waseBabele. Ngakho bavele nje. . . zonke lezizinto ezehlukene, iziputniki emjahweni ukuba zikhuphukele lapho enyangeni.

95 Awu mfowethu, a—angikho emncintiswaneni, kodwa nginitshela into eyodwa, nginohlelo lapha, hhayi ukuthi nginalo, kodwa uNkulunkulu unalo, ngingumthengisi waKhe walo. Futhi ngiyanitshela manje; wuhlelo oluzokuthatha iminyaka yokukhanya eyizigidigidikazi eziyikhulu, izigidigidikazi, isigidi ngale kwenyanga. Kunjalo.

96 Futhi lapho uma wenyukela enyangeni ubungeke uhlale phansi ngoba asithi ubuyogxuma ngqo ubuyele phezulu ngaphandle uma ubunozibuthe othize ukuba ukubambe lapho. Ubungeke uhlale ubusuku bonke; ubuyobulawa amakhaza. Ngesikhathi sasemini ubuyovutha bhe. Uzokwenzenjani ngenkathi ufika lapho na?

97 Angifuni ukuya lapho; ngifuna ukuya lapho engikhona ekhaya; lokho kungakwelinye icala. Lokho—lokho kunjalo. Indiza ngesikhashana, ngokuphazima kweso, uhlwithelwe oHlwithweni futhi uhambe uyoba neNkosi uJesu lapho oyophila khona kuze kube phakade. Hhayi into ethize uzama ukuzinamathelisa entweni ethize; into ethize osuvele ulapho ukuba uhlale ingunaphakade. Into ekhazimula kanje pho leyo eyiyo.

98 Manje, niyawabona onke lamahlelo, ukwehlukana, ososayense, nakho konke okwabo. . . yonke imfundo, onke amahlelo, konke ukwehlukana, nokwehlukana, nakho konke, sishiye umgomo omkhulu, nendlela kuphela uNkulunkulu angaletha ngayo umuntu enhlanganyelweni. Singeke sakwenza ngobuhlanga, sehlukanisa izinhlanga; singeke sakwenza ngaleyondlela. Ngeke sakwenza ngokobuzwe. Bafuna iflege elilodwa, isizwe esisodwa, ulwimi olulodwa. Awu, kuyoba ngaleyondlela ngesinye isikhathi. Manje, isizathu kuphela sokuthi indoda ikufune. . . iJalimane yayikufuna; yayifuna bonke bakhulume isiJalimane, zonke izizwe zikhulume isiJalimane. Uma ungakhulumi isiJalimane, abekho kukho.

99 Ngangise-Afrika namaBhunu acabanga. . . Anolwimi olungolwangaphandle empeleni, okuncane okumbalwa. . . isiFulentshi esincane, nesiNgisi esincane, nesiJalimane encane, nakho konke okwakho kuxutshwe ndawonye, futhi bathi, "O, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane sizofanele sisebenzise

lololwimi lapho—lapho isikhathi seminyaka eyiNkulungwane sifika," amaKristu acabanga lokho.

Awu, iNgisi lifuna ukucabanga, neBrithani niyazi, "O, he, impela, si—kuzoba yisiNgisi e—esikhathini seminyaka eyiNkulungwane."

Awu, sithi, "Ngokuqinisekile bayokhuluma ngendlela yokukhuluma yaseMelika esikhathini seminyaka eyiNkulungwane."

100 Kodwa ngizonitshela, nizomangala. Kuzoba nolwimi lwaseZulwini ongakaze uluzwe phambilini, ukuthi sizokhuluma lololwimi.

101 Futhi akuzukuba yi*Star Spangled Banner*, kanjalo neSwastika, noma—noma ingxenye yesikela nesando. Akuzukuba yinoma yimaphi alawomafulege, kodwa kuzoba njalo, "isiphambano esidala esimahlikihliki, sinindwe yiGazi lobuNkulunkulu kakhulu, isifanekiso sokuhlupheka nehlazo." Lelo yiflegi. Ifulege elilodwa, iNkosi eyodwa, uKristu Jesu, isizwe esisodwa, abantu ababodwa, ulwimi olulodwa, onke amaKristu azelwe ngokusha, lokho kuzoba i—isikhathi.

102 Manje, uNkulunkulu wabeka phansi uhlelo khona impela ensimini yase-Edene, futhi walahla umsebenzi womuntu wesandla sakhe kwasekuqaleni. Ngokushesha nje lapho umuntu enza iphutha lakhe lokuqala ezama ukuthola indlela yakhe ebuyela emuva ngenkolo yakhe yeqabunga lomkhiwane ukuba abuyele emuva futhi, uNkulunkulu wakulahla ngecala. Futhi Wenzani na? Wabulala ezinye izilwane futhi wathola izikhumba zezimvu, ngikholwa ukuthi kwakuyizo, futhi wasiphosa phakathi lapho. Ngakho kwakhombisa ngalokho, kuthatha, igazi belilokhu liwuhlelo lukaNkulunkulu futhi liyohlala njalo liwuhlelo lukaNkulunkulu; ukuthi ngeGazi kukhona ukuthethelelwa kwesono; futhi ngaphandle kokuchitheka kweGazi akukho ukuthethelelwa kwesono. Noma ngabe ukuthatha noma ngayiphi indlela ofisa ngayo; zonke ezinye izinhlelo zizohluleka kodwa lokho ngeke. Ngaphandle kokuchitheka kweGazi akukho ukuthethelelwa kwesono.

103 UNkulunkulu ekuqaleni, emuva lapho, wabeka phansi uhlelo, futhi indlela kuphela ekhona yokuhlanganyela emuva noNkulunkulu nomunye nomunye, kungeGazi likaJesu Kristu, iNdodana yaKhe. Futhi U—Ubulala iwundlu, noma, imvu, waletha isikhumba semvu; into ethize yafa ukubamboza.

104 Futhi kunjalo impela. Ungeke wakuhlela. Ungeke wakufundisa. Ungeke ngokwesayense, u—u—ufanele ukwemukele phezu kwezisekelo zokukholwa ukuthi kukhona okukufeleyo. Lokho kuletha inhlanganyelo.

105 Manje, uJobe wakukholwa lokho, iNcwadi endala kunazo zonke eBhayibhelini, uJobe wemukela umnikelo wegazi, wemukela umhlatshelo wokushiswa, okwakungukubulawa

kwemvu. Futhi khumbulani, wama waqina kukho. Lapho yonke into ifika kuye, ngisho namalunga akhe ebandla, futhi athi, “Jobe, wonile; uphambukile kuNkulunkulu.” Kanye . . .

106 Ake sithathe uJobe umzuzwana nje. Siyabona ukuthi wayenze lowomnikelo; wayekhiphele abantwana bakhe umnikelo wesono wayesethi, “Mhlawumbe bangahle ukuba bonile; bangahle ukuba bonile kuNkulunkulu, ngakho ngizobanikela umnikelo wokushiswa.” Akuthandeki lokho na?

107 Ukuba besinabantu namhlanje, ukuba omama bethu nobaba babeshisekele ngabantwana bethu, esikhundleni sokubakhiphela lapha emgwaqeni nomunye obhema usikilidi omncane, futhi baphumele emaphathini omculo wokuzibinya nezinto ngendlela abahamba ngayo. Ukuba besingaba nabo ekhaya futhi sibakhulekela emihlanganweni yomkhuleko, futhi . . . bekungaba yizwe elehluke kakhulu. Kunjalo.

108 UJobe wathi, “Mhlawumbe angikwazanga ukusindisa amadodana ami namadodakazi ekoneni, kodwa uma bonile, ngizoma emnikelweni wokushiswa. Ngizonikela ngomnikelo wokushiswa.”

109 Futhi lapho izivivinyo nezilingo kufika, manje, uJobe wathatha indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu, umhlatshelo, igazi, umnikelo wokushiswa, futhi wama kuwo, futhi lapho izivivinyo nokuhlolwa kufika, awu, ukuba lokho bekusebuhlelweni nje, ngabe wawa kudala. Kusosayense, ngabe wawa kudala. Ngoba waye . . . Konke ayenakho kwathathwa kuye. Abantwana bakhe wabulawa. Ingcebo yakhe yathathwa. Impilo yakhe yayingasekho, futhi wahlala phandle endundumeni yomlotha nodengezi noma okuthize, enwaya amathumba akhe, kwaze kwathi ngisho nomkakhe wathi, “Jobe, awumthuki ngani uNkulunkulu futhi ufe ukufa na?”

110 Wathi, “Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula.” Akashongo ukuthi wayeyisiwula, kodwa wakhuluma njengaso. Wathi, “Ukhuluma njengoyisiwula. INkosi iphile futhi iNkosi ithathile, malibongwe iGama leNkosi.” Ngenkathi behla, abaduduzi bakhe, amalunga ebandla, behla futhi bammangalela . . . Wayazi ukuthi wayelungile, ngoba wayengathembeli ebuhleni bakhe uqobo, kodwa wayehlangabezane nesidingakalo sikaNkulunkulu ngoba wayeme emhlatshelweni wegazi. Yebo, mnumzane. Wayazi ukuthi wayelungile, ngoba wayehlangabezana nezidingakalo zikaNkulunkulu.

111 Bese kuthi-ke, niyaqaphela uma nje nizolokhu nibambelela, nime eGazini, ningathathi lutho olunye. Yiba ngowehlelo lakho, lokho kulungile. Yiba nemfundo, lokho kuhle; isayense, lokho

kulungile. Kodwa kuqala, zibeke wena eGazini. Yileyondawo kuphela yenhlanganyelo yiGazi.

112 Manje, qaphelani uJobe, akunandaba ukuthi kwahambani, ukuthi kuhambeni, ukuthi ibandla lakhe lathini, ukuthi noma ubani omunye wathini, wayazi ukuthi wahlangabezana nezidingakalo zikaNkulunkulu. Wayemi egazini, umhlatshelo wokushiswa. Futhi qaphelani, ngenkathi ihora lokugcina lokulingwa kwakhe lifika futhi bamtshela ukuba aqalekise uNkulunkulu futhi afe, kanjalonjalo, wathi, "Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula."

113 Khona-ke u-Elihu wehla. *Eli, El* kusho ukuthi "Onamandla kaNkulunkulu." Hlakaza igama lakhe futhi unoNkulunkulu kuKristu, omele. Wehla, futhi akazange asole uJobe ngokuba yisoni. Kodwa uJobe wayefuna ukwazi ukuthi wayekuphi uNkulunkulu ukuthi wayengahamba futhi angqongqothe emnyango waKhe futhi akhulume naYe, futhi lapho okuyobakhona Oyedwa, Olungileyo, u-Elihu wamtshela, owayengama esikhaleni abeke isandla saKhe phezu komuntu oyisoni noNkulunkulu ongcwele, futhi uyohlanganisa indlela phakathi kwendoda eyisoni noNkulunkulu ongcwele, lapho umnikelo weGazi wangempela wawuyofika khona ngolunye usuku.

114 UJobe engumprofethi, ngenkathi uMoya ufika phezu kwakhe, wangena kuMoya; imidumo iqala ukuduma; umbani uqala ukubanika; wema ngezinyawo zakhe wayesethi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ngezinsuku zokugcina Uzoma kulomhlaba: futhi nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu." Wayethatha lomnikelo wegazi lapha kwaze kwafika Lowo wangempela. Wabuka lona futhi wabona ukuthi kwakuyisithunzi salowo owayezofika ngoba uNkulunkulu emuva e-Edene wayekufunile lokhu, noJobe wayehlala kulowomhlatshelo. Yebo, mnumzane. Kwakuyindawo kuphela uNkulunkulu ayethembise ukuhlangana khona nomuntu kwakungaphansi kwegazi.

115 U-Israyeli, eTestamenteni eLidala, indawo kuphela uNkulunkulu ake ahlangana khona no-Israyeli kwakungaphansi kwegazi elichithiwe. Bavela kuzo zonke izizwe, lapho iwundlu labulawa khona, kodwa uNkulunkulu wahlangana kuphela ngaphansi kwegazi elichithiwe.

116 Ngaphansi kweGazi leWundlu yindawo kaNkulunkulu yokuhlangana. Yilapho Ahlangana khona nabantu baKhe. Yilapho Ahlangana khona nebandla laKhe. Yilapho Ehlangabezana khona nezidingo zakho, kungaphansi kweGazi. Futhi ngaphandle kweGazi, akukho ukuthethelelwa noma akukho ukuzwa, kuphela ngeGazi.

117 Manje, futhi sithatha ngale kuNumeri, isahluko 19 sikaNumeri, ngenkathi besohambweni lwabo, uNkulunkulu wabatshela ukuba bahambe futhi bathole ithole elibomvu. Manje, bhekisisani lokhu umzuzwana nje, isifanekiso lapha. Manje, "Hamba, ulande ithole elibomvu, elingakaze libe nejoka elike laba phezu kwalo." Aliboshelwanga ejokeni, alikaze libe ngaphansi kwejoka. Futhi libomvu, lifanele libebomvu yonke indawo. Manje, okubomvu ngumbala omubi kwabanye. Okubomvu kusho ukuma elambini elibomvu, kanjalonjalo; kodwa okubomvu futhi kuyisibonakaliso sokubuyisana.

118 Manje, ngabe ngokwesayense wake wathatha okubomvu futhi wabuka ngokubomvu na? Uma uthatha okubomvu futhi ubuke ngokubomvu, okubomvu kumhlophe; uthathe okubomvu kudlule kokubomvu kubukeka kumhlophe. Futhi ngakho lapho uNkulunkulu ebuka ngezono zethu, zibe bomvu njengokububende, nokho ziyakuba-mhlophe njengeqhwa. Lapho Ebuka ngeGazi leNdodana yaKhe uQobo futhi esibona, Angeke asibone njengezibomvu, izoni ezibomvu tebhu; Usibona simhlophe njengeqhwa, sigezwe eGazini leNdodana yaKhe uQobo lapho singaphansi kweGazi. O, lihle kanjani iBhayibheli nemifanekiso yaLo. Okubomvu ngokubomvu kubukeka kumhlophe. Ngiyazi ukuthi leso yisibonakaliso esikhulu kithi, isibonakaliso sokubuyisana, ithole elibomvu; manje, lalizobulawa ngesikhathi sokuhlwa, umfanekiso kaKristu.

119 Manje, nxa uKristu efika Akazange aboshelwe ejokeni nabaFarisi noma nabaSadusi; Waboshelwa ejokeni noYedwa kuphela, nalowo kwakunguBaba. Yena noBaba babeboshelwe ndawonye, BabeMunye. Futhi yileyondlela umKristu afanele abe yiyo. Noma ngabe uyiMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, noma ngabe kuyini, ufanele ubopheshelwe ejokeni kuqala noJesu Kristu. "Bekani ijoka lenu phezu kwaMi futhi nifunde ngaMi, ngokuba Ngimnene futhi ngithobekile." Ngakho-ke kukubuyisela ebudlelwaneni nenhlanganyelo noNkulunkulu inqobo nje uma uboshelwe ejokeni ndawonye noKristu.

120 Manje, siyaqaphela ukuthi ngenkathi i—ithole lalizobulawa ngesikhathi sokuhlwa phambi kwalo lonke ibandla; kanjalo noKristu wabulawa ngesikhathi sokuhlwa. Manje, ngenkathi lalizobulawa, umzimba walo wawuzoshiswa, nanezinselo nakho konke. Futhi kwakungokokwenza amanzi okwehlukanisa. Manje, sithola lokho ngale eNcwadini yabase-Efesu lapho sigezwa khona ngamanzi eZwi. AManzi okwehlukanisa ayiZwi likaNkulunkulu.

121 Futhi kwakufanele kugcinwe endaweni ehlanzekile ukuthi lapho lokho lapho noma yimuphi umuntu ongumhambi, noma yisiphi isoni esadlula ukuba singene ebandleni leNkosi, lokhu lapha kwakugcinwa kulendawo ehlanzekile. Khona-ke wayefanele athathe imidwa eyisikhombisa yegazi futhi adwebe

umusho phezu komnyango ngomunwe wompristi omkhulu, u-Eleyezari, lokho ngukuthi, lokho kungena ebandleni.

122 Manje, bukani ukuthi lokho kuhle kanjani. O, ngethemba ukuthi anikugeji. Bhekisisani. Yini into yokuqala na? Manje, mfowethu oyiBaptisti, iMethodisti, nePentecostal, ngithemba ukuthi nje nikhumula amajakhethi enu imizuzu embalwa; Ngifuna—ngi—ngifuna nikubone lokhu, uma kungekho okunye.

123 Lapha esikhathini esingeside esedlule ngangikhuluma ngalokhu emhlanganweni wenhlanganyelo nomunye omkhulu orabi base-United States bahlangana nami emuva ngemuva, emuva lapho, futhi bathi, "Angikaze ngikuzwe lokho kanjalo empilweni yami; kade ngingurabi futhi ngivela esizukulwaneni sorabi; urabi emva kukarabi emva kukarabi." Futhi manje ungurabi wePentecostal enombhaphathizo kaMoya oNgcwele.

Ngangishumayela naye eShreveport, nenenekazi lamtshela lathi, "Mnumzane," lathi, "Rabi, ngifake ithelevishini ekamelweni lakho."

Wathi, "Hhayi itelevishini, ihelevishini, akhiphe lapho."

Wayesethi, "Awu awusuye urabi na?"

Wathi, "Ngingurabi wePentecostal; akabongwe uNkulunkulu." Wathi. Awu, yebo.

124 Manje, bhekisisani lesi sifanekiso lapha. Manje, ithole lalifanele lishiswe, futhi kanye nalo kwakuzoshiswa ihisopi, umsedari, nokubomvu, kwakuzoshiswa ndawonye kanye nethole. Manje, qaphelani, *umsedari* wukhuni olubomvu, ukhuni olunamabala, olumhlophe nokubomvu ndawonye, lufanekisa isiphambano. Futhi *okubomvu* kunguboya benqama obudaywe ngegazi. Ne*hisopi* laliwukhula olwafakwa kanye nakho. Ihisopi yilokho enanibheca ngakho igazi. Futhi kwakuyigazi phezu kokubomvu, okhunini lomsedari, konke kwashiswa ndawonye ukwenza ini na? Ukwenza amanzi okwehlukanisa, kwenza amanzi nokwehlukanisa, agcinwa endaweni ehlanzekile.

125 Manje, isoni safika; sasingahlanzekile. Manje, qaphelani, amanzi okwehlukanisa, imilotha ixutshwe namanzi, okusho umoya wokuphila kanjalonjalo. Kodwa wayezofafazwa ezonweni zakhe ngamanzi okwehlukanisa.

126 Manje, mfowethu oyiBaptisti, ngifuna ukukubuza okuthize, uma ukulungisiswa kuyilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo, ngithanda ukukubuza lokhu: Ngenkathi umuntu ehlukaniswa ngamanzi okwehlukanisa, wafafazwa, khona-ke wayengakakwazi nokho ukungena e—ekukhonzeni inkazimulo yeNkosi. Wayengenakukwenza, ngoba wafafazwa kuphela ezonweni zakhe. Kwamehlukanisa ezonweni zakhe, kodwa akumfakanga enhlanganyelweni. Kunjalo. Kwamehlukanisa kuphela ezonweni zakhe. Manje, abase-Efesu bathi, "Sigezwe ngamanzi eZwi."

127 Manje, ukuzwa iZwi futhi ukholwa nje njengoba ufuna ukuba njalo, nomelusi wakho—wakho isifundiswa esikhulu, noDokotela wakho wezobuNkulunkulu, isifundiswa esikhulu, lokho kusalokhu kungasifaki enhlanganyelweni. Qhabo, mnumzane, ngeke kukwenze, ngoba kuphela babehlukanisiwe ezonweni zabo. Manje, lokho yi… Ukulungisiswa kwakuyimfundiso kaMartin Luther. Siyakwazi lokho. Ukulungisiswa ngokukholwa futhi noma kunjalo akulethanga inhlanganyelo.

128 Manje, siyazi into elandelayo ikholwa elalifanele liyenze, emva kokwehlukaniswa nezono zalo, khona-ke lenzani na? Into elandelayo oyenzayo, usephendukele ngasezinkantolo. Futhi lapho ehamba…Qaphelani. O, he, ngizizwa nginokukholwa lapho ngikhuluma ngalokhu. Bukani, into elandelayo ayefanele ayibuke, wayenemidwa eyisikhombisa yegazi phambi kwakhe ukukhombisa ukuthi imidwa eyisikhombisa yayisho iminyaka yebandla eyisikhombisa noma iminyaka eyizinkulungwane eziyisikhombisa, kuyo yonke iminyaka yayifanele imelwe yigazi, lutho olunye, ayikho enye indlela. Kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni, kusukela e-Edene kuya esikhathini seminyaka eyiNkulungwane yigazi futhi akukho lutho kodwa igazi.

129 Enye into, okholwayo wayefanele akuqonde lokhu, ikholwa lingena ngase…Manje, akakabikho enhlanganyelweni okwamanje, nokho wehlukanisiwe ezonweni zakhe, kodwa akekho enhlanganyelweni. Wayefanele aqonde ukuthi igazi lahamba phambi kwakhe, into ethize yafa ukuba ihambe phambi kwakhe, namaHeberu 13:12 nele 13 athi, "UJesu wahlupheka ngaphandle kwesango ukuze Angcwelise abantu ngeGazi laKhe uQobo." Lokho kukhuphula nina maMethodisti, kulungile, ekungcwelisweni kwenu; nisalokhu ningekho enhlanganyelweni, noma kunjalo akukwenzanga. Kodwa ngenkathi behamba…Wayengaphakathi, ngaphakathi endlini. Kodwa beningahlanganyela omunye nomunye; nibingelelane, kodwa hhayi ukuba nihlanganyele noNkulunkulu okwangaleso sikhathi.

130 Manje, khona-ke kanye ngonyaka umpristi omkhulu (O, he!) kwakufanele agqokiswe ngendlela ethize. Wayefanele agcotshwe ngendlela ethize. Wayefanele agcotshwe ngamakha eMbali yaseSharoni. Bawafaka entshebeni ka-Aroni, futhi ehla njalo kuze kuyofika emiphethweni yengubo yakhe. Wayefanele abe nezingubo *ezenziwe ngokuthize*. Futhi enye into, wayefanele ahambe ngendlela ethize. Futhi ekugcineni kwengubo yakhe wayenensimbi ekhencezayo nepomegranati, insimbi nepomegranati. Futhi wayefanele ahambe ngendlela ethize ukwenza lokho kudlale kuthi "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, kuyo iNkosi; Ingcwele, ingcwele, ingcwele, kuyo iNkosi." Wenzani na? Usondela eNkazimulweni yeShekina, inhlanganyelo yangempela. Haleluya!

131 Manje, niyabo, wayene . . . futhi wayefanele abange umsindo. Indlela kuphela ibandla elalingasho ngayo ukuthi wayengafile yingoba babewuzwa lowomsindo. Ngiyanitshela lapho ibandla lidedela umsindo walo kukhona okwenzekayo, kunjalo, ngokuqinisekile njengezwe, ngoba yonke indawo iNkazimulo yeShekina ikhona, kukhona umsindo.

132 Bhekisisani, indoda egcotshiwe, no-Aroni wangena, ethwele igazi phambi kwakhe, engena, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, kuyo iNkosi. Ingcwele, ingcwele, ingcwele, kuyo iNkosi," lezozinsimbi zikhala, egcotshiwe, eyongena endaweni engcwele ngcwele. Ukuthi ibandla lalivamise kanjani ukuyazisa leyondoda. Ukuthi wangena kanjani lapho ngolunye usuku futhi—futhi washiya udondolo lwakhe oludala ayenalo esandleni sakhe, futhi ngenkathi ebuyela phakathi futhi, lolodondolo olwalufile, lutho ngaphandle kwenduku endala, lase luphila, lwaqhakaza, futhi lalinezimbali kulo (Yebo, mnumzane.), libekwe eBukhoneni beNkazimulo yeShekina. Whewu!

133 Ngiyanitshela, kuyokwenza ngokuqinisekile njengezwe. Kuyothatha ibandla elidala elifile elingena kuleyoNkazimulo yeShekina bese iliqhakazise lingene ebandleni lokukholwa nezibonakaliso nezimangaliso. Yebo, mnumzane.

134 Qaphelani ukuthi kwenzekeni. Nangu wayelapha, egcotshiwe, wangena emva kwaleyondawo, futhi babekwazi nje ukulalela, bezwe lezozinsimbi. U-Aroni emi eNkazimulweni yeShekina ngasesihlalweni somusa lapho amakherubi ayenamaphiko awo ayegamanxele kuso, abaqaphi besihlalo somusa. Futhi babekwazi ukulalela phakathi lapho. O, izinhliziyo zabo zazilangazelela kanjani ukungena lapho; "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, kuyo iNkosi." Futhi bazi ukuthi kwenzani ku-Aroni. O, wayephila unyaka nonyaka ukuba angene. Nokuthi ibandla elivamileyo lalingekwazi kanjani ukungena, nokho babephila ngaphansi kwegazi, kodwa nokho hhayi eNkazimulweni yeShekina.

135 Kodwa ngenkathi iGazi leqiniso lifika, iGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, Wabhidliza udonga oluphakathi nendawo olwehlukanisayo, Wadiliza ikhethini kusukela phezulu kuze kufike phansi. Futhi manje ikholwa, noma ubani othandayo, makeze angene eNkazimulweni yeShekina. Nomuntu ngokulungisiswa, ekholwa yiZwi, ukungcweliswa, amhlanze ezonweni zakhe, uyisikhonzi sokungena eShekina yePentecostal.

136 UNkulunkulu wenza into efanayo ngosuku lwePhentekoste ngenkathi Esindise ibandla ngokulungisiswa, kwabaseRoma 5:1. Ukungcweliswa, Yena, ngikholwa ukuthi kwakunguJohane oNgcwele 17:17, Wathi, "Bangcwelise, Baba, ngeqiniso: ngokuba iZwi laKho liyiqiniso." Kodwa ngosuku lwePhentekoste, udonga oluphakathi nendawo, isihlukaniso sasidilizelwe phansi,

ikhethini ladabuka kusukela phezulu kuya phansi eKalvari, nekholwa langena kuleyoNkazimulo yeShekina, namandla kaNkulunkulu ehlela phezu kwabo. “Ingcwele, ingcwele, ingcwele, kuyo iNkosi,” kwahamba izindumiso nezinkazimulo ngezilimi ezingaziwa. Futhi baphuma lapho bememeza futhi bethokoza.

137 Yileyondawo kuphela yenhlanganyelo. Mfowethu, yileyondawo kuphela eyokwenza iJuda, iGreki, omhlophe, omnyama, ophuzi, onsundu, behlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu kungenkathi sebengene kuleyoNkazimulo yeShekina. Akusekho-hlazo elisele kubo. Yilokho engicabanga ukuthi kunendaba ngebandla lePentecostal namhlanje, bazalwane. Mm! Sithola ukuthi abantu uba namahloni kakhulu. Banamahloni okuthi, “Amen.” Ba—banamahloni ngisho nokudumisa iNkosi.

138 Abanye babashumayeli bayasukuma bese bethi, “Amen” njengenkonyane enamajaqamba. Futhi bayenyuka *kanjalo*, bezama ukuhamba. Ngiyayizonda leyonto. Ngithanda i . . . Sukuma futhi ucule ngelinye iculo eligqamileyo elikhulu kakhulu mayelana nokuzama okukhulukazi ukugqoka njengawo onke amabandla. Leyo akusiyo inhlanganyelo. Uma noma yini engiyizondayo . . . Ngiyaxolisa ngalesosisho emizuzwini embalwa edlule, bengingaqondile ukukusho kanjalo, ngithetheleleni. Kodwa lapho ngi—ngicabanga ngendlela ibandla eselibe ngayo, linesitashi kakhulu, linganaki, o, he, yini indaba na? Niyababona besukuma lapho futhi bazame ukucula.

139 Ngama ebandleni lobungcwele esikhathini esingeside esedlule lapho ikhwaya yama khona emuva lapho. Mm. Bengifuna ukusho into ethize embi kabi. Babengazi ukuthi ngangihlezi phansi endlini yokutadisha yomelusi. Futhi nakhu kufika leyokhwaya laphaya, noDavid duPlessis, ethatha umnikelo wezimishini zakwamanye amazwe. Futhi uma labobafana begqoke izingubo ezinde ezinkulu nezinto bephumela lapho nalawomantombazane, beqhubeka, futhi bexoxa amahlaya. Nomunye waqala wayesethi, “Manje, nakhu ngiphuphuthekile; ngisemishini yakwamanye amazwe. Ake ngikutshele, ungifakele okuthile,” phansi naphezulu kanjalo. Futhi waphumela lapho futhi wazama uku, ngezwi eliqeqeshwe ngokweqile, bezama ukunswininiza nokumpongoloza, sengathi babezama ukucula. Wawungasho ukuthi babengaculi eNkazimulweni yeShekina.

140 Ngiyalizonda iphimbo eliqeqeshwe ngokweqile: bame lapho, babambe umoya wabo sengathi bathola ukuba luhlaza okwesibhakabhaka ebusweni. Lokho akusikho ukucula. Kodwa uma noma yini engiyithandayo, iyiPentecostal enhle endala ekhululekile, ezelwe ngokusha, ethembekile enhliziyweni, ecula eMoyeni. Mm. Kukhombisa ukuthi abanakho. Bashiya

leyoNkazimulo yeShekina. Yileyondawo kuphela ongake uyenze eyokwenza amaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, amaLuthela, amaKatolika, i-Oneness, iTwoness, iThreeness, nabo bonke ndawonye, bangene eNkazimulweni yeShekina. Yileyondawo kuphela yenhlanganyelo yangempela. Owesilisa nowesifazane oseke wangena emva kwalapho, akukho-mehluko kunoma yimuphi umuntu ngaleyonkathi. Bonke bangabafowethu phakathi lapho, ngoba ba—aba...bazi into eyodwa kuphela, lelo yiGazi, futhi bayazi ukuthi bangabazalwane. Amen. Whewu! Ngifisa sengathi ngabe bengiwusayizi wami ophindwe kabili manje; mhlawumbe bengingajabulela okuhle ngokuphindwe kabili.

141 Yebo, inhlanganyelo, inhlanganyelo phansi kweGazi, okuyilona kuphela ikhambi likaNkulunkulu. Amahlelo azosehlukanisa; imfundo izosehlukanisa; isayense izosehlukanisa. Kodwa iGazi likaJesu Kristu lizosihlanza esonweni. Sinenhlanganyelo omunye nomunye sisahamba ekuKhanyeni njengoba EngukuKhanya, ukuKhanya kweNkazimulo yeShekina. Amen.

Njengendoda ishadelwa, ngenkathi ishadelwa...Uhlala endlini enamakamelo amathathu. Niyakwazi lokho na?

O, wena uthi, "Uxolo, nginayishumi."

142 Qhabo, awunawo. Uhlala kuphela endlini enamakamelo amathathu. Lokho okwakho...Ungahle ube namakamelo okulala amathathu noma amane, namathathu noma amane amakamelo okubeka ukudla, nezinto ezinjalo, kodwa empeleni uhlala endlini enamakamelo amathathu. Lelo yikhishi, igumbi lokuphumula, nekamelo lokulala. Kunjalo. Uhlala endlini enamakamelo amathathu. UNkulunkulu wayehlala endlini enamakamelo amathathu: uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Uhlala endlini enamakamelo amathathu: umphefumulo, umzimba, nomoya.

143 Manje, uhlala endlini yekhishi, i—ikamelo lokuphumula, nekamelo lokulala. Yini into yokuqala lapho ukhuluma nomkakho omncane na? Leyo yingxenye yekhishi, ukuhlanganyela. Njengendoda engena ebandleni, ihlala emuva; iba nenhlanganyelo encane nje omunye nomunye lapho ingena ukuzolalela iZwi: "Ukukholwa kuvela ngokuzwa." Bese-ke into elandelayo, kwelinye ikamelo, yigumbi lokuthembisana. Awu, inqwaba yabantu iyacabanga ukuthi inqobo nje lapho bengena ekhishini, yilokho kuphela abafanele bakwenze. Qhabo, uyadla nje khona-ke, niyabo, uyaphakelwa nje.

Khona-ke ikamelo elilandelayo yikamelo lokuthembisana, lapho wenza khona uthando nomkakho ekamelweni lokuhlala. Kodwa manje lindani, lokho kukude njengoba abanye abantu behamba.

Kodwa khumbulani, ekamelweni elilandelayo yilapho kungesiyo inhlanganyelo kuphela, kodwa ubudlelwane buyafika.

144 Futhi yileyo indaba ngebandla namhlanje; banobuso obunamahloni, uma ningabamba umfanekiso wami, ababufuni lobobudlelwane noNkulunkulu. Bangaqoka ukuba nenye inhlangano eyimvukumvuku, ebandayo, egcina umthetho ngamehlo nje, enesitashi, inhlangano, uthi, "NgiyiPresbyterian;" "NgiyiMethodisti;" "NgiyiBaptisti;" "NgiyiPentecostal;" kunokwehlela ngempela kulobobudlelwane noNkulunkulu ukuba aphume futhi azale abantwana bememeza, "Aba Baba." Banamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu. UPawulu wathi, "Anginamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu, ngokuba lingamandla kaNkulunkulu kube-ngukusindiswa kwabakholwayo."

145 Asisoze sabafundisa imfundo bangene. Asisoze sabahlela bangene. Asisoze sabangenisa ngokwesayense. Bafanele bazalwe phakathi. Kunjalo.

146 Lapho ingane izalwa, kunezinto ezintathu ezivela e... ngempilo yengane. Yini into yokuqala na? Ngiyaxolisa, bodadewethu. Yini into yokuqala efikayo na? Amanzi, uma kungenjalo, kungukuzala okomile; ingane ayikho esimeni esijwayelekile. Into yesibili na? Igazi, kunjalo na? Yini into elandelayo na? Ukuphila.

Yini evela kuJesu na? AManzi, iGazi, nokuPhila; wagwazwa ohlangothini lwaKhe. Okwahlanganisa u—ukuzalwa kwemvelo kuhlanganisa ukuzalwa kokomoya.

147 Uma ingane izalwa, futhi izalwe ifile, ayikhali, akukho madlingozi kuyo, yini indaba ngayo na? Iyingane ezalwe ifile. Yileyo indaba ngamabandla namhlanje. Yini engalungile ngamaPentecostal akithi na? Sizala izingane eziningi kakhulu ezizalwe zifile. Kunjalo impela. Yebo, mnumzane, sinjalo. Kunjalo impela. Wenzani ngengane uma izalwe ifile kanjalo na? Uyibamba nje ngezithende, futhi uyiphakamise, futhi uyinike ukuvuselela ingemuva okuncane, ngamandla akho onke nje, nalokho kuyayilungisa. Futhi uma noma yini ibandla eliyidingayo kulobubusuku, ngukuthwansulwa okuhle okuyimfashini endala kweVangeli ngamandla kaMoya oNgcwele.

148 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...sinento eyodwa yokwenza ngakho, sizehlukanise ngenxa yalokho. Umbhedo! Kukhombisa ukuthi besingakakabi seNkazimulweni yeShekina okwamanje. Kunjalo impela.

149 Ngenkathi ngisengumfanyana, umfowethu nami, sabuyela emuva phandle ensimini emva kwethu; sahlangana noludala, ufudu oludala. Angazi ukuthi niyazi ukuthi ziyini noma qha, phandle lapha oGwini oluseNtshonalanga. Bangaki

owaziyo ukuthi yini ufudu lwasolwandle noma ufudu na? Kulungile. Lwaluyizinto ezibukeka zihlekisa kakhulu kithina singabantwana abancane; lwalubukeka lwesabeka kakhulu. Nansi leyomilenze emidala emikhulu, niyazi, ifinyelela *kanjalo*. Ngase ngithi, “Aluyona yini into ebukeka ihlekisa, mfowethu na?”

Wathi, “Yebo, luyiyo.”

Ngathi, “Ake siyolubuka.”

150 Ngenkathi sikwenza, lwahamba njengenqwaba yalamaKristu, niyazi, abizwa kanjalo: luhambe luthi whewu, luzidonsele phezulu ngqo egobolondweni. “O, wena unguMfowethu Branham lowomgingqiki ongcwele.” Mm. “A, wena—wena uyilowomfo okholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu; uyilowomphulukisi ngokukaNkulunkulu.” O, wena fudu oludala. Niyabo?

151 Ngakho manje-ke, into yokuqala niyazi, ngathi, “Awu, awume kancane, mfowethu.” Ngathi, “Ngizolulungisa.” Sasifuna ukulubona luhamba, futhi lwalungeke lusihambele. Lwaluhlezi lapho nje sengathi lufile.

152 Yilokho ibandla elikwenzile, lonke laphakama egobolondweni lwakho lwePresbyterian, iMethodisti yakho, iBaptisti, negobolondo lwePentecostal, lavele lahlehla langena, “Ngeke sifune ukuzihlanganisa nalutho nabo bonke abanye. Hhe-e.”

153 Niyazi ukuthi ngitheni na? Ngathi, “Ngizozitholela uswazi; ngizoluthela phezu kwakhe.” Ngaya ngale ngase ngizitholela uswazi lomyezane olukhulukazi, futhi ngavele ngalubhaxabula ngakho konke okwakukhona, futhi alwenzanga lutho. Ungeke walubhaxabula lungene kuzo. Qhabo.

154 Ngathi, “Ngizokutshela; Ngizolulungisa.” Ngaluthatha ngehlela emfudlaneni ngase ngilubamba ngegobolondo, ngathi, “Ngizoluminzisa noma luzohamba.” Ngase ngilubeka ngaphansi kwamanzi futhi nje amagwebu ambalwa aphuma, futhi kwaba yilokho kuphela, akwenzanga lutho. Mfowethu, ungababhaphathiza kathathu uye phambili, kathathu ubheke emuva, ubathele, noma ngayiphi indlela ofuna ngayo, futhi uvele ehle nje eyisoni esomile futhi anyuke engesimanzi.

155 Kodwa niyazi ukuthi ngalwenza kanjani ukuba lunyakaze na? Ngokhela umlilo omncane ngase ngibeka umfana omdala phezu kwawo. Lanyakaza-ke. Okudingwa yibandla kulobubusuku akusikho ukubhaxabulwa, kodwa i. . .hhayi isayense yezenkolo, kodwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele noMlilo. Amen. Yilokho okuyokwenza ibandla linyakaze: yokhela ibandla ngomlilo ngeVangeli. Yokhela uMlilo kaNkulunkulu phansi phezu kwabo ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, oyobenza banyakaze. Dumisani uNkulunkulu kuze kube phakade. Kuthatha lokho-ke ukwenza ibandla linyakaze.

156 Ngaphansi kweGazi, neGazi liletha uMlilo. Umhlatshelo wawunikelwa ngomlilo; igazi emlilweni, kushunqisa intuthu, iphunga elimnandi elenyukela kuMsindisi uqobo lwaKhe. Iphunga elinuka kamnandi laliyimikhuleko yabantu ngephunga legazi elakhuphuka lapho ekhuleka ngaphansi kwegazi elichithiwe.

157 Futhi namhlanje lapho umhlatshelo usushiswe nguMoya oNgcwele, lapho uthatha umhlatshelo wakho uqobo ngeGazi likaJesu Kristu, futhi uziphose wena e-altare, umbozwe yiGazi, noMoya oNgcwele uyakubamba lokho bese uthumela iphunga elimnandi kuNkulunkulu okukuletha eNkazimulweni yeShekina, leyo yiyona ndawo kuphela yenhlanganyelo. Amen.

158 Inhlanganyelo, yilokho esikudingayo, indlela kaNkulunkulu yenhlanganyelo. Yinye kuphela indlela. UNkulunkulu wahlinzeka indlela yenhlanganyelo. Ngeke sazifundisa thina uqobo singene kuyo. Asikwazi ukuzigqokisa singene kuyo. Ungeke wazihlela wena uqobo ungene kuyo. Ufanele uzalelwe kuyo ngeGazi likaJesu Kristu, likuthatha likungenise enhlanganyelweni yobuNkulunkulu. Manje-ke, "Uma sihamba ekuKhanyeni, njengoba EsekuKhanyeni, sinenhlanganyelo omunye nomunye, neGazi likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu liyasihlanza kuso sonke isono." Amen.

159 Singalubamba kanjani ubandlululo, ubandlululo lobuhlanga na? Singalubamba kanjani ubandlululo lwehlelo futhi sibe sisalokhu sithi sihamba ekukhanyeni na? Singalubamba kanjani ubandlululo simelane neZwi likaNkulunkulu futhi sithi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule"? IZwi likaNkulunkulu uQobo. Ngoba sifanele nje sihlangane nento ebusweni bese sithi, "Awu, angikwazi nje ukukwenza kufezeke; angikukholwa nje." Awufakazi ngani ukuthi ungongakholwayo na?

UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Futhi lokho kuyakuxazulula. Kungokwamakholwa.

160 Yingalesosizathu ngiyiPentecostal. Yingalesosizathu ngikukholwa, ngoba ngibatholile. Ngihambe ngangena ezindaweni, ezindaweni ezinkulu. Ngihambe nalababantu bePentecostal phakathi lapho ababekhona khona impela eWashington, DC, ngenkathi iPhini likaMongameli uNixon nabo bonke babelapho; akuzange kubamise nakancane. Ngenkathi amandla kaNkulunkulu ewa, bamemeza futhi badumisa uNkulunkulu ngokufanayo nje nomaphi. Abanamahloni ngeVangeli, ngoba basenhlanganyelweni. Haleluya! Lapho umuntu ezelwe nguMoya kaNkulunkulu kukhona okwenzekayo kuye, futhi ungeniswa eNkazimulweni yeShekina; ungumntwana kaNkulunkulu. Ukukholwa kuhlala ngaphakathi kuye. Useyinzalo ka-Abrahama ngaleyonkathi,

ngokuba ufile kuKristu futhi uthatha inzalo ka-Abrahama. O, izwe, ukuba kuphela babazi ukuthi kwakuyini.

161 Ngiyanitshela ukuthi, lapho esenze khona iphutha lethu manje, uma nizongixolela ngokusho lokhu sengivala. Lapho senze khona iphutha, sizame ukuzihlela thina sangena kukho. "Sinakho, futhi bonke abanye abanakho. IMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, abayilutho, uma bebadala, ababandayo abagcina umthetho ngamehlo." Uma ningabhekisisi, sizoba ngabadala, abagcina umthetho ngamehlo nje, futhi bazokucosha futhi baqhubeke. Kunjalo impela. Sizobhekisisa futhi sizithole singaleyondlela, ngoba bavela nje kwesokudla nesokunxele ndawo zonke.

162 Niyabona lapho ama-Episcopalian manje ethi, "Sifanele sibuyele eVangelini. Sifanele sibuyele ePentecost. Sifanele sibe nezikhulumi ngezilimi, umhumushi wezilimi, abaphulukisi ngokukaNkulunkulu, nakho konke emabandleni ethu." O, mfowethu, into enje pho! (Aniyithengisi leteyipu.)

163 [Umfowethu ukhuluma ngezilimi nomunye uyahumusha—Umhl.] Amen. Makabongwe uNkulunkulu uBaba wethu. Amen. Amen. NgiyaKubonga, Jesu. Makabongwe uNkulunkulu. O, iShekina! Udumo kuNkulunkulu! Kuthumele phezu kwethu, O Nkosi. Sithumelele izibusiso zaKho, Baba. Ngezinhliziyo ezilambile nezivulekile silinda phambi kwaKho. Malibongwe iGama leNkosi. SiKubonga kanjani, Nkosi. O, Amen.

164 Akumangalisi lokho na? Ngani, mfowethu, ukhuluma ngomoya wokwehlukanisa, imibono, lokho akufani nje na? Akusikho ukuhunyushwa kwezilimi, isiprofetho na? Niyabona ukuthi uMoya oNgcwele utheni. Mhlampe lawomadoda amabili awazange azane noma abonane, ngokungabaza impela ake akwenza. Futhi nanka, enye ikhuluma nenye iyakunikeza, futhi ingene ngqo neZwi. Niqaphelile ngokuthi ikhuluma isikhathi eside kangakanani na? Ukuthi izifake kanjani izichasiso zayo nezayo. . .imisho yayo yangena kanjani na? Niqaphelile ukuthi ukuhumusha kuza kanjani na? Into efanayo nje, emuva ngqo, ngendlela nje akukhuluma ngayo, kanjalo. Ngani, nguMoya oNgcwele phakathi kwethu. Si—siqala ukuba ndikindiki entweni. Asiqondi nje, mfowethu, ukuthi kuyinto enkulu kanjani lena. O, uNkulunkulu ufuna kanjani ukuthululela izibusiso zaKhe phezu kwebandla laKhe. Anikukholwa lokho na? O, he.

165 Ngiyamangala, khona manje ngenkathi uMoya oNgcwele usanda kukhuluma nje, Ungimiseleni kulezoziphawulo ezimbalwa zokugcina. Kungani E—kungani Ekwehlisele phansi ngenkathi benganginento ethile ebengizoyisho ngeGazi na? Ukwenzeleni Yena na? Ngoba Ukhulume lencazelo ukuze nazi ukuthi nguYe okhulumayo. Unikeza ubufakazi, wathi,

"Ninganaki ubumba, kodwa uMlayezo uqinisile." Nakho-ke. O, Haleluya! Dumisani uNkulunkulu. Nikinani onke amaketango futhi nidedele ukuze ningene ngempela eNkazimulweni yeShekina lapho iShekina iwela khona. Leyo yinhlanganyelo, iGazi likaJesu Kristu, lenza nonke nina maMethodisti, maBaptisti, maPresbyterian, maLuthela, nani nonke, nimunye kuKristu Jesu. Amen. Makabongwe uNkulunkulu. O, mfowethu. Mm!

166 Ngiyazi nicabanga ukuthi ngiyahlanya, kodwa—kodwa a—kodwa angihlanyi. Angihlanyi. Ngiyazi lapho engikhona. Kodwa lokhu kuyakhazimula ukuzwa uMoya kaNkulunkulu phansi lapha e, noma, oGwini lwaseNtshonalanga ngalezizinsuku zokugcina phansi kweZwi. IZwi, uNkulunkulu uyalihlonipha iZwi. Yileyondlela . . .

167 Lalelani, ukuze nina bantu bePentecostal nizokwazi. Niyabo? UNkulunkulu uyalihlonipha iZwi laleyomibono ngoba Wakwethembisa. Awu, uNkulunkulu ofanayo owethembisa lokho, uthembisa iNkazimulo yeShekina kubantu baKhe. Niyabo, nguNkulunkulu ofanayo, ekwesinye isimo nje, enilethela esinye isibusiso. Whewu. Amen.

168 O, uma nje benginga . . . wonke umuntu ubengakubamba nganhliziyonye, bekungeke yini kumangalise lokhu na? O, bekungaba kuhle kakhulu. O, abagulayo bebeyophulukiswa, izinyonga beziyohamba, futhi beniyogxuma njengendluzele. Futhi—futhi izoni beziyokhala izinyembezi indlela yazo eya eKalvari, neShekina iwa nxazonke. Futhi besingeke ngisho siye ekhaya kulobubusuku; besiyohlala lapha nje ubusuku bonke, usuku lonke kusasa, nosuku lonke ngosuku olulandelayo. Futhi imigwaqo ibiyonqwabelana ndawo zonke ngamandla kaNkulunkulu, Ofuna ukuphuma njengokukhanya phezu kwethu.

169 O, Haleluya! NgiMthanda kanjani ngalokho. Ukulunga kwaKhe nomusa waKhe umi phakade. Ngempela, ngempela, UyiNdodana kaNkulunkulu ophilayo. Amen. UJesu Kristu, akekho omunye. UyiNdodana yeqiniso kaNkulunkulu ophilayo. UnguMsindisi wethu, uMphulukisi wethu, iNkosi yethu, iNkosana yethu, ukuPhila kwethu—kwethu, ukujabula kwethu, iMpilo yethu; Uyikho konke kukho konke kithi. Kumangalisa kanjani. Besifanele sizimisele kanjani ukuMethula kubantu; uMdedele aphumele komunye. Kumangalisa kanjani. Kukhazimula kanjani. Yena . . . Ku . . . Yebo.

170 [Udade unikeza isiprofetho—Umhl.] Makabongwe uNkulunkulu. O, kuyamangalisa. Bukani lelonenekazi elimpofu elisho lokho lapho, lelonenekazi eselikhulile elibukeka lithandeka, izinwele zalo zifakwe isithwathwa iPhakade, liyazi ukuthi alisenaso isikhathi eside kakhulu emhlabeni, lapho sesifika onyakeni onjalo. Ubeyobe ethini lowo wesifazane

ukuba bekungesiyo into ethize; akakwazanga ukuzibamba, khona nje kufuqa kuphuma kuye. NguMoya oNgcwele uveza iZwi laKhe: "Phezu kwezincekukazi zaMi nezincekukazi eziyizisebenzi zaMi Ngiyakuthulula uMoya waMi." Yebo. Naso isithembiso sikaNkulunkulu impela, mngane. O, he, Haleluya! Uma nje ubungabona ukuthi kuyini ubungakujabulela nje. O, he.

171 Ngikholwa ukuthi besifanele sibize izoni kuqala e-altare, anicabangi kanjalo na? Kulungile. Omunye aye opiyaneni ngokukhulu ukushesha. Mngane oyisoni, ngiyakumema, eGameni leNkosi uJesu, phezu kwezisekelo, kuqala, zeZwi laKhe, phezu kwezisekelo zokukhuluma ngezilimi nokunikeza incazelo, nasesiprofethweni esehlela kulowomama omdala onomoya omuhle ohlezi laphaya, bonke bekhuluma into efanayo, bebiza, bebiza, bebiza.

172 Kukhona into ebesifanele siyenze. Ake sime. Lithini iculo lakho, mfowethu na? Uthini na? *Nginikela Konke*. Woza lapha, mfowethu; ngifuna ungisize ngilicule.

> . . . nikela konke,
> Nginikela konke,
> Konke kuWe, Msindisi wami obusisiweyo,
> Nginikela konke.

173 Besadlala lelo kanye, ngabe nikusho ngempela lokho ngenhliziyo yenu yonke na? Nikulungele ukuyeka yonke into na? Besifazane, senikulungele ukudela izimfashini zenu ngenxa kaKristu na? Banumzane abahloniphekile, madoda lapha, niyavuma yini ukuyeka ukubhema kwenu, ukuphuza kwenu, ukugembula kwenu, ulahle isivumokholo sakho futhi uthole uKristu na? Lungu lebandla, usukulungele ukunikela isivumokholo sakho ngenxa kaKristu na? Isivumokholo sakho siyolahlwa ngalolosuku. UKristu wakho uzokwamukelwa. Ngokuba nguwe kuphela ozokwahlulelwa nguNkulunkulu othukuthele Ongezukubheka noma yini enye ngaphandle kweGazi leNdodana yaKhe uQobo. Futhi yileyonto kuphela eyodlula. Akunandaba ukuthi ubulunge kangakanani, ubuthembeke kangakanani, uma ungamboziwe ngeGazi, uhlala eNkazimulweni yeShekina, uyolahleka ngaloloSuku. Philani kulokho.

174 Nizonikela konke manje na? Yenyukela lapha, futhi angikuxhawule, ngikhuleke nawe khona lapha ngase-altare. Wozani. Lungu lebandla, noma ngabe ungubani, woza.

> Nginikela konke,
> Konke . . . (UNkulunkulu akubusise, dadewethu.) . . . busisiweyo . . .
> Ngi . . .

Woza, mngane oyisoni. Woza, lungu lebandla elisivivi. Woza, ungene ngaphansi kweNkazimulo yeShekina.

Nginikela konke,
Konke kuWe, Msindisi wami obusisiweyo,
Nginikela konke.

Nginikela . . .

Wozani manje. Kunjalo, yehlani ngqo manje. Woza ngapha ngqo. Woza, lungu lebandla, yehla ngqo.

Nginikela konke,
. . . kuWe, Msindisi wami obusisiweyo,
Nginikela . . .

Nginikela zonke izivumokholo, nginikela konke okunye, Nkosi, ngifuna Wena. Nizoza na? Kunjalo, wozani, mantombazane.

Ngiyanikela, nginikela konke,
Nginikela konke

Ungeze manje na? Yehla kuvulandi osesitezi.

. . . kuWe, Msindisi wami obusisiweyo,
Nginikela konke.

175 Bangaki abafuna uMoya oNgcwele, khuphuka manje nalaba. Woza ngapha, woza olahlekile, unikele yonke into. Nikela intando yakho, nikela konke ukuze wemukele uMoya oNgcwele. Yehlani niphuma kuvulandi osesitezi phezulu lapho. Nonke eningaphandle kukaKristu, wozani. LeNkazimulo yeShekina iyiqiniso. NgaYifakazisa ngeZwi nangoNkulunkulu. Yiqiniso, mngane, woza usenethuba lokuza. Kulungile, sisalicula futhi.

Ngiyanikela, nginikela konke,
Ngiyanikela, nginikela konke,
Konke kuWe, Msindisi wami obusisiweyo,
Nginikela konke.

Ngiyanikela, nginikela konke,
Nginikela konke, (. . .?. . .)
Konke kuWe, Msindisi wami obusisiweyo,
Ngi . . .

176 O, awuwuzwa yini lowoMoya kaNkulunkulu, uhamba nje phezu kwesakhiwo. Wozani nime nizungeze ngenkathi abefundisi, yonke into iza ngapha ngomkhuleko manje.

Ngiyanikela, nginikela konke,
Ngiyanikela, nginikela konke,
Konke kuWe, Msindisi wami obusisiweyo,
Ngi . . .

Manje, wonke umuntu phakamisani izandla zenu futhi nje niqale ukudumisa uNkulunkulu. Udumo!

. . . nikela, nginikela konke,
Ngiyanikela, nginikela konke,
Konke kuWe, Msindisi wami obusisiweyo,

Mdumiseni nje. Mnikeni udumo. Mnikeni udumo, wonke umuntu . . .?. . .

. . . Wena, obusisiweyo wami . . .

177 O Jesu, Wena Ndodana kaNkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzo . . .?. . . Baba Nkulunkulu . . .?. . . Nampa, ngamunye, sindisa bonke nje, Nkulunkulu . . .?. . . Ngiyakhuleka, eGameni likaNkulunkulu wethu. Siphe khona, uJesu . . .?. . .

